


IZWI ELINGAQONDAKALIYO

 Ngiyabonga, Mfowethu Sullivan. Ningahlala phansi. Angikwazi nje neze ukuzizwakalisa ukubonga uNkulunkulu ukuthi ngibonga kakhulu kanjani ukubuyela lapha kulelitabernakele, kulobubusuku. Kade ngikukhumbula ukuvakasha engaba nakho okokugcina lapha noMfowethu Sullivan, nabantu, nokuthi iNkosi isibusise kanjani, ngelinye iSonto ekuseni ebandleni.

² Futhi ngenkathi ngenyuka emizuzwini embalwa nje edlule, futhi ngezwa labobantu becula, “Injabulo enhliziyweni yami, nokuthula engqondweni yami,” yilokho amaKristu akuculayo, lokho amaKristu angakhuluma ngakho, enenjabulo enhliziyweni yawo, nokuthula engqondweni yawo, futhi akukho lutho olungenza lokho ngaphandle kukaNkulunkulu.

³ Futhi kubonakala kukuhle ukubuyela phezulu lapha ngaphandle kwentuthu yaseCalifornia, lapho ongathola khona ukuphefumula okuhle okujulile kanye ngasikhathi. Lokho... Bangaba nayo yonke iCalifornia ngengxenywe yami. Futhi ngiyabathanda abantu lapho, kodwa impela hhayi leyontuthu abanayo ezansi lapho kulesosigodi.

⁴ Ngazalelwa phandle lapha kwelinye lalamagquma alunqenqema eKentucky, futhi angikwazi nje ukusuka kuyo, niyazi. Mina nje, ngi...Lokho ngukuthi...Kungahle kube, wonke umuntu angahle aphuthume phandle lapho uma befuna, kodwa kimina, ngingamane nje ngihlale phezulu lapha lapho ongaphefumula khona okungenani, amehlo ami eshile, umphimbo wami ube bomvu.

⁵ Futhi ngi—futhi ngiyanitshela, ngikholwa ukuthi isono siyahamba ngomusa, awu, njalo siyahamba, futhi sihambe nempucuko, isono njalo sifika ngempucuko. Ngaphambi kokuba kubekhona noma yimaphi amadoda amhlophe entshonalanga, ngenkathi kwakungamaNdiya nje, ayengenasono, ayephila nje impilo enhle ethule, futhi aba nezinkathazo ezincane, kanye ngankathi, ngezimpi zabo zobuzwe, nezinto, kodwa mayelana ne—ngesono, safika nesizwe esimhlophe, ngenkathi kufika impucuko. Bangena nabesifazane, iwiski, nokugembula, nokubulala.

⁶ Futhi njengoba ilanga lihambile lisuka empumalanga laya entshonalanga, impucuko ihamba nalo, futhi ngikholwa ukuthi iNkosi ifanele ibe nesikrini esikhulu serada phezulu oGwini lwaseNtshonalanga, ngoba uma liqhubekela phambili, liyobuyela empumalanga futhi, ngakho-ke ngicabanga ukuthi livele nje libhekane nakho, futhi lihlehlele ngqo emuva, njengegagasi. Futhi ngithi ngempela kunjalo, ngempela

siphila esikhathini esesabekayo, isikhathi esesabekayo. Manje, lokho akusebenzi oGwini lwaseNtshonalanga kuphela, nami ngiqhosha ngalamaBuckeyes, namaHoosier, namakhekhe amakhekhe ommbila ngapha, kodwa sinakho phezulu lapha, futhi, niyazi, kodwa nje kungaphezulu kwakho phandle lapho.

⁷ Lobubusuku obuhlanu esinabo, manje nje ngakho, lapha e-Ohio futhi... Ngicabanga ukuthi kusasa ebusuku bazoya kwelinye ihholo elikhulu, noma okuthize, kodwa ngi—ngijabulile ukwazi ukuza ebandleni, ngiyalithanda ibandla. Yebo. Ngi—ngicabanga ukuthi, Mfowethu Sullivan, e—e—esehlakalweni sokuhamba, njengoba ngithola ukuthi imihlangano edlula yonke ihlala njalo isemabandleni.

⁸ Manje, ngine... ngethemba ukuthi angisuye okholelwa ezeni, uma nginguye angikwazi, kodwa-ke, lapho ungena kulezizindawo lapho benokuzijabulisa, nokugembula, nemidanso, futhi nje kubukeka kimi sengathi kunodeveli abancane nje behlezi macala onke ndawo zonke, niyazi. Futhi nje bawuhlobo lwe—indawo yabo yokuhlala, bahlala lapho nje, bese kuthi-ke ufanele ungene, uthathe cishe ubusuku obuhlanu ukushumayela bonke baphume, niyazi, ngaphambi kokuba uqalise umhlangano.

⁹ Kodwa endlini yebandla ngikholwa ukuthi iziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise nxazonke, ngoba abangwele bebuthana lapho, yindawo eyaziwayo kaNkulunkulu, lapho Efika khona futhi ahlange nabantu baKhe. Bekuhlala njalo kubonakala kuthi ukuba kuhle kimi ukuba sebandleni. Ngikuthanda kangcono, ukuze nibe khona, kubonakala sengathi kusekhaya, niyazi, yi—yilapho nje sihlanganyela khona ndawonye, futhi sibe nezinto esihlanganyela kuzo.

Ngenkathi uMfowethu Sullivan, futhi sithola ithuba lokubuya futhi, ngijabulile ngempela.

¹⁰ Ngisanda kuba ngaphesheya komakhelwane, ngapha eVirginia, ngeviki eledlule, nasezansi eRichmond, ngaba nesikhathi esimnandi kakhulu ezansi lapho nalabo baseningizimu. “Indawo yokuzalwa yesizwe,” bakubiza kanjalo. Futhi bonke bangabaseningizimu abahle, nabo, bayithanda ngempela iNkosi ezansi lapho, futhi saba nesikhathi esimnandi kakhulu. Kodwa bengishisekele ukubuyela ekhaya futhi, phezulu lapha, ukuze sikhonze ndawonye isikhashana.

¹¹ Manje, ngiyajabula ukubona abangane bami lapha abavela enyakatho yezwe. Ukude kangakanani nalapha, Charlie na? Uhlala kude kangakanani...? [Umfowethu uthi, “Amamayela angamashumi ayisikhombisa.”—Umhl.] Cishe amamayela angamashumi ayisikhombisa. Awu... [“Ngakulelicala nje lomugqa wesifunda sase-Indiana.”] Ngaphakathi nje komugqa wesifunda sase-Indiana. URodney nabo bonke... [“Kululuhlangothi.”] Yini leyo na? Loluhlangothi

na? Ngakululuhlangothi lomugqa wesifunda sase-Indiana. *Wacishe impela* wangena emseni, kodwa wavele wakugeja kancanyana, kancane nje, emgqeni wesifunda nje.

¹² Manje, ukuba ubungehlela eKentucky, ubuyobe ukahle nje. Bangaki abaseKentucky ophakathi lapha na? O, he! [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ngiyakutshela! Kukhona i...Ngasho ngesinye isikhathi e...[UMfowethu Sullivan ukhuluma noMfowethu Branham.] Ngiyaxolisa? [UMfowethu Sullivan uthi, “Ucabanga ukuthi bebeyokwenzani ngami...?...”] Angazi nje, Mfowethu Sullivan.

¹³ Umama wami wayevame ukuphatha indlu yokuhlala iziqashi zesikhashana eJeffersonville, futhi ngingetabernakele elicishe libe yilosayizi nje, ngiyethemba, lapho. Ngobunye ubusuku ngangishumayela, ngathi, “Wonke umuntu waseKentucky sukumani.” Kwakungekho muntu ohlezi phansi, wonke umuntu...Ngase ngithi, “Awu, abaseKentucky, namavondwe athathe izwe ngaphandle kokudubula.” Ngathi, “A—angene ngqo, eza ngqo futhi alithatha. Awu,” ngathi, “babefanele bathumele ezinye izithunywa zenkolo ngapha zivela ndawondawo ngakho, kuhle...kusuka...” Angikhulumi nge-Ohio manje. Manje, awume kancane, ngikhuluma nge-Indiana, ezansi e-Indiana.

¹⁴ Awu, noma ngabe uyaphi, umhlaba jikelele, uthola ukuthi abantu bakaNkulunkulu uhlala njalo ethi akafane. Ngaqaphela ezansi e-Afrika, nakwamanye amazwe lapho kade ngikhona, abanye balabobantu bebengeke bazi ngisho ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, kodwa niyazi ukuthi kwenzekani lapho bethola uMoya oNgcwele, ukuthi benzani na? Into efanayo oyenzayo lapho uthola uMoya oNgcwele, wenze ngendlela efanayo. Futhi bayo—bayokhuluma ngezilimi.

¹⁵ Futhi bona, ubungacabanga ukuthi uma bebhuluma bona uqobo, lapho ubungezwa ulwimi lwabo, njengokuthi mhlawumbe, kukhona uhlobo olulodwa lapho ebengihlale ngimangala ngalo, bathi ukuthi xi ulimi lwabo lapho bebhuluma, ngikhuluma ukuthi kubizwa ngabeSuthu, ngicabanga ukuthi yikho, qhabo, isiXhosa. Futhi uma nje uthi “isiXhosa,” akulungile. Ufanele uthi xi, isiXhosa, njengokuthi Xhosa. Futhi yonke into oyishoyo ino xi kuyo, kodwa lapho beqala ukukhuluma ngezilimi, ngezinye izikhathi bakhuluma isiNgisi. Niyabo? Futhi nje, wena...nje noma nini lapho abantu kulawomazwe abahedeni bemukela uMoya oNgcwele, benza nje njenganoma ubani omunye, akunandaba ukuthi kukuphi, ba...Kukhombisa ukuthi kungokwa “noma ubani othandayo, angeza.”

¹⁶ Manje, owethu, abanengi babazalwane bethu manje bamile, futhi ngi—ngithi ukuba ne...ngizizwa ngidabukile, ngifisa sengathi ngingabanikeza indawo yokuhlala phansi,

kodwa nje asinayo. Ngakho ngizo, ngeke ngikhulume ngaphezu kwamahora amathathu, noma into efana naleyo, ngiqagele. Futhi bengidlala nje. Kodwa nje masinya njengoba singaba... sizwe iNkosi isibusisa, futhi ithi kwanele, awu khona-ke, sizofuna, sizophuma. Kodwa ukuba nalesisikhathi senhlanganyelo ngapha, umfo ongazi nje ukuthi aqale kuphi, kumangalisa kakhulu nje futhi kuhle.

¹⁷ Kade nginemihlangano emikhulu oGwini lwaseNtshonalanga, njengoba bengisho. INkosi yabusisa ngamandla phandle oGwini lwaseNtshonalanga ngalesisikhathi, ngenyuka ngaseVisalia, phezulu lapho, futhi leyo yiBakersfield, neFresno, futhi ngadlula lapho, babengabantu abanezinhliziyo ezilambile ngempela ezansi bedabula kulezozigodi. Ngiyasikholwa isizathu ngi—ngilambile, ngoba uNkulunkulu ubizela iBandla laKhe ndawonye, lizondla ngeZwi likaNkulunkulu.

¹⁸ Manje, ngaphambi kokuba siqale, besifanele sikhulume noMlobi, ngiyacabanga, ngaphambi kokuba sifunde iZwi laKhe. Anicabangi kanjalo na? Ngakho asikhothamise amakhanda ethu manje, futhi sibeke eceleni zonke izinto zethu ezincane zobuntwana, futhi sibheke engxenyeni eqine kakhulu, engcwele, iZwi.

¹⁹ Baba wethu waseZulwini, njengoba sibuthene lapha, kulobubusuku, kulelibandla, ibandla elibizwa ngeGama laKho, abantu ababuthene lapha babizwa ngeGama laKho. Futhi Wasenzela isithembiso eZwini laKho laPhakade, “Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngiyozwa ngiseZulwini.” Manje, leso yisithembiso saKho, futhi siyazi ukuthi Uyazigcina zonke izithembiso zaKho kubantu baKho. SiyaKubonga ngebandla, nangawo wonke umuntu omelwe lapha, nalo lonke ibandla elimelwe. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosibusisa ndawonye njengabantwana baKho abakhulwayo.

²⁰ Kulobubusuku, siyocela, ikakhulukazi, ngowethu onomusa, uMfowethu Sullivan othembekile, ukuthi Uzombusisa ngokwedlulele, ngokuchimayo, ubona isifiso senhliziyo yakhe ngukuKukhonzwa, nokuKwenzela okuthize, nokwenza onke amahora akhe abalwe eMbusweni, engenisa edolobheni, abefundisi, abefundisi abehlukene nezinhlubo ezehlukene zenkonzo, ukuze bafeze inhloso, futhi akwazi ukondla umhlambi uMoya oNgcwele amenze umbonisi kuwo. SiyaKubonga ngalokhu.

²¹ Futhi njengoba kungukukhetha kwethu manje, uma kuyintando yaKho ukondla umhlambi izinsuku ezine noma ezinhlanu ezilandelayo lapha, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzosihlinzeka u—uKudla kwezimvu, iZwi, uLiletethe ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele. Sibusise

njengoba silindele Wena. Sindisa bonke labo abasindisekayo, Nkosi, gcwalisa ikholwa elilinde ngokubekezela ukwemukela uMoya oNgcwele, sikhulekela ukuthi Uzovumela wonke umuntu okulesosimo asuke lapha kulobubusuku, ejabule, bobabili besindisiwe futhi bagcwaliswa ngoMoya.

²² Phulukilisa abagulayo, Nkosi. Wena usinike umyalo, “Hambani niye emzini, niphulukise abagulayo ose... lowomuzi, noma, futhi nishumayele ukuthi uMbuso ususondele.” Nkulunkulu sikhulekela ukuthi Uzosipha lezizinto njengezinceku zaKho, njengamanxusa aKho, ngoba siyakholwa ukuthi uMbuso ususondele. Futhi sizize ukuba siveze leloZwi ngaleyondlela, ukuze abantu babone, futhi bakholwe kuWe. Futhi ngaloloSuku olukhulu olobekiwe oluza kubo bonke, kwangathi, ngenxa yemizamo yethu, kuyoba khona ngempela amakhulu ame lapho, ahlengwe ngeGazi, ngenxa yemizamo esizama ukuyiveza manje.

²³ Baba, njengoba sihlngana ndawonye, sikhuluma njengabantwana, siyajabula. Futhi manje sikhulekela ukuthi Uzosivumela sikubeke eceleni lokho, futhi sihambe siyongena emsebenzini woMbuso, futhi sibe yizikhonzi zikaMoya oNgcwele. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Amen.

²⁴ Manje, ngendlela yengqikithi encane, ngingahle ngininakise kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 14, nevesi 8:

Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, ngubani oyakuzilungiselela ukulwana?

²⁵ Siphila esikhathini esingaqondakaliyo. Ciske yonke into esiyibukayo namhlanje ayiqondakali. Siphila esikhathini lapho, kubonakala sengathi, kul’khuni ukuba ubeke isandla sakho kunoma yini eqondakalayo. Ukuphepha kwezwe lethu, akuqinisekile ngempela, sithola lokho kulokho, kungani thina...konke, ngithi ukuphepha kwamazwe ngamazwe, ngenxa yokuthi nje sisekupheleni konyaka.

²⁶ Ezisukwini ezimbalwa ezedlule eCalifornia kwakukhona u—umlayezo owanikezwa ngenkathi umfowethu oyiBaptisti ezobeka, noma, angixhawule, emva komhlangano weBusinessmen e—esidlweni sasekuseni saseClifton’s Cafeteria. Ngumfowabo kaMarilyn Monroe, ngicabanga ukuthi kwakunguye, ingcweti yamabhayisikobho. UyiBaptisti, futhi waqala ukungixhawula, ngenkathi enza waqala ukukhuluma ngezilimi ezingaziwa. Futhi kwenzeka wabakhona, owesifazane waseLouisiana, futhi wayesiqonda isiFulentshi, futhi wathi, “Umfana wayekhulume isiFulentshi.”

Wathi, “Angazi nelilodwa igama lesiFulentshi.”

²⁷ Kwase kuthi-ke ngenkathi enikeza ukuhumusha kulokho akusho, umhumushi we-U.N. wayelapho, futhi uza enenekazini,

nakwi—iBusinessmen, futhi wathi, “Inenekazi lihumushe kahle impela.” Wathi uyahumusha kwi-U.N. Enikeza umlayezo kimi.

²⁸ Futhi khona-ke, ngikholwa ukuthi kwakungusigele wezwe elithile ayekhuluma nje noMfowethu Shakarian, nasenhla eGreenland lapho lesizizwe silungiselwe ukusuka eGreenland ukubhubhisa umhlaba ngezikhali ze-athomu, ukuthinta okukodwa nje futhi noma yisiphi isizwe siyothi ngqu sisuke emhlabeni. Niyabo, into kuphela esiyizwayo ngukuthi nje, “Banebhomu elizokwenza izinto ezithize-thize,” kodwa banakho kukhudlwana kunalokho, niyazi. Aba...Awuvumeli ezakho, zonke izimfihlo zakho ziphume lapho kusezindabeni zikazwelonke.

²⁹ Nalendoda iza eMiami ngoJulayi, lapho engizobamba khona umhlangano eMiami, eFlorida. Futhi kwakukhona u—umcibisholo ojikijelwayo owangena esikrinini futhi bona, into ethize esikrinini, nalendoda yayineziyalo zokudonsa ingciphlo, futhi lokho kwakungaba *yikho*. Kodwa washo qobo lwakhe ukuthi wayengeke ayidonse, eyayiyoqaqeka, Angazi ukuthi mangaki amarokhethi amakhulu amabhomu nanoma yini okunye, nempi ebiyobe isikhona. Kodwa *into ethize* yayingeke imvumele ayidonse. Ngiyamangala uma lowo kwakunguNkulunkulu, ukuthi kukhona umuntu othize lapha ongakasindiswa namanje, ukuthi nje ngeke kwenzeke kuze kwenzeke lokho. Lokho nje kuyakhombisa ukuthi sisondele kangakanani.

³⁰ Niyabo, iNgelosi yathi kuLoti, “Phuma lapha, ngoba ngingenze lutho, uze ufike lapha.” Uzofanele aphume kuqala, ngaphambi kokuba enze noma yini ngakho.

³¹ Ngakho eminyakeni eyedlula, izizwe ezinkulu zazinamandla, lezo ezazinemikhumbi emikhulu namadoda amaningi, njengeShayina, neRashiya, ne-United States, zaziyizizwe ezinamandla, lokho akusekho, noma yisiphi isizwe esincane nje singabhubhisa wonke umhlaba. Ngakho-ke, akusekho ngobukhulu bazo, silindele isikhathi nje.

³² Manje, asingakubuki lokho kalula kakhulu. “O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, ngi—ngizizwile izinto ezinjengalokho ngaphambilini.” Ngiyakwazi, kodwa nizokuzwa kanye, okokugcina. Futhi yonke enye into isondele kakhulu eduze, ngikulalele nje kakhulu noma ngasiphi isikhathi. Futhi hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo ngalesisikhathi na? Isoni besifanele sikhalele umusa, nomKristu ubefanele amemeze izindumiso zikaNkulunkulu. Kunjalo.

³³ Omunye washo ngesinye isikhathi, wathi, “Mfowethu Branham, wesabisa abantu ngokuthi uJesu uza ngokushesha okukhulu. Ngani, kuyinto embi kabi ukucabanga ukuthi izwe lethu seliza ekupheleni!”

³⁴ Ngathi, “Akusikho okomKristu, kuyinto ekhazimula kakhulu angaba nayo emqondweni wakhe, ukucabanga nje ukuthi iNkosi yethu ingahle ifike noma ngasiphi isikhathi. Konke kuyogququlwa ngaleyonkathi, kuyobe sekwedlule.”

³⁵ Ngikholwa ukuthi abafana banencwadi encane lapha iBusinessmen eyishicilele, umbono iNkosi esanda kunginika wona maduze nje. Ngethemba ukuthi niyakwazi ukukufunda.

³⁶ Yebo, uPawulu wathi, “Ngikulwile ukulwa okuhle, ngilqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa. Kusukela manje kuqhubeke ngibekelwe umqhele wokulunga, iNkosi, uMahluleli olungileyo, ayongipha wona ngaloloSuku, futhi kungesimi ngedwa, kodwa kubo bonke abathanda ukubonakala kwaYo.” O, lapho uthanda iNkosi, kukhipha konke ukwesaba. Uzohlangana naYo nje.

³⁷ Muva nje, ngenkathi umngane wami omdala, uDkt. F. F. Bosworth, wafa ezansi eMiami, ngehla ukuyombona. Wayethi akabe, esondele kakhulu eminyakeni engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala. Futhi ngathi kuye, ngathi, “Mfowethu Bosworth, bekuyisiphi isikhathi esimnandi kunazo zonke empilweni yakho na? Kade ushumayela manje cishe iminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu noma amashumi ayisithupha.”

Wathi, “Leli yihora elikhazimula kakhulu esengake ngaliphila.”

Ngase ngithi, “Yini ebinga...? Kungani ubungasho lokho na?” Ngabuza nje ongcewele omdala.

³⁸ Wathi, “Mfowethu Branham, konke engikuphile kusukela ngiseyinsizwa, bekunguJesu Kristu.” Futhi wathi, “Cishe noma ngamuphi umzuzu, ngibheke Yena ukuba angene emnyango ukuba angithathe kanye naYe.” Wathi, “Kungokukhazimula kakhulu! Konke ebengingake ngikucabange, noma amathemba akhazimula kakhulu engingake ngibe nawo, ngukwazi ukuthi masinya manje ngizoba sezandleni zeNkosi yami, ukuba ngibe naYo kuze kube phakade.” Lowo ngumKristu wangempela efa, lowo akusuye umKristu wangempela efa, lowo ngumKristu wangempela ozoba-naYe.

³⁹ Njengoba uPaul Rader wathi, ngenkathi efa, eLos Angeles, njengoba sikubiza ngokufa, wabiza umfowabo, uLuke, wathi, “Cabanga ngakho, Luke, kade sindawonye isikhathi eside, kodwa,” wathi, “emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhloni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe.” Wacindezela isandla somfowabo, futhi wahamba ukuyoMhlangabeza. O, lokho kungenza ngicabange nge*Psalm Of Life* kaLongfellow:

Izimpilo zamadoda amakhulu zonke
ziyasikhumbuza

Futhi singenza izimpilo zethu ziphakame
kakhulu,
Ngokuhlukana, sishiya ngemuva,
Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini
zesikhathi.

Kumkhuthaza kanjani lokho umKristu!

⁴⁰ Benginencwadi, ngicabanga ukuthi nginayo ndawondawo ekhaya, ngamadoda amakhulu, amazwi okugcina ngaphambi kokuba ashiye izwe, kokubili isoni nongcwele. NginekaDwight Moody, nabaningi babanye abangcwele abakhulu abashiya izwe. UMoody, ngenkathi ukufa kumshaya, wathi, “Futhi ubiza lokhu ngokufa na?” Wathi, “Lolu wusuku lwami lokugcotshwa.”

⁴¹ Futhi izindlovukazi, enye indlovukazi yaseNgilandi, embi kabi, yathi yayizonikela ngombuso wayo eminye imizuzu eyishumi nanhlano yokuphila. Niyabo, ekupheleni komgwaqo iyasho. Futhi yilapho esikhona, ekupheleni komgwaqo.

⁴² Akusekho ukuqiniseka ekuvikelekeni kwezwe, ngoba awukwazi ukumba kude ngokwanele phansi komhlaba, ubavimbele ekukuqhumiseni bakukhiphe, ungeke, akukho okungenziwa, sisekupheleni komgwaqo nje. Futhi sithatha-ke, nezinye zezinye izinto, akukho-siqiniseko.

⁴³ Bengizwa ekusakazweni kwezindaba ngikhuphuka lapha, ukuthi kunabantu abaningi abangenamsebenzi manje, kunalabo ababekhona ngesikhathi se—sesikhathi sengcindezelo sikaMongameli Hoover, abantu abaningi abangenamsebenzi kunalabo owayekhona ngesikhathi sokuphatha kwakhe, nangesikhathi sika 1930, phakathi lapho.

⁴⁴ Abaningi bethu bangalowonyaka, uyakukhumbula, lapho sidla kancanyana, ingcosana yamazambane namajakhethi amancane kuwo, futhi sidla ijakhethi nakho konke, ngoba nje ngangiwathole kanye ngasikhathi, futhi ngibe nawo kube ukudla kwasekuseni, idina, nesidlo sakusihlwa. Kwakul’khuni kanjani! Futhi manje, ngoba bangasho lokho, kukhona cishe impela abantu abathathu ngaphezulu e-United States, kunoma babenjalo ngaleyonkathi.

⁴⁵ Futhi ngolunye usuku, ngingena eRichmond, eLouisville, nezindawo eziningi, niyazi ukuthi ngicabanga kanjani ukuthi ngobunye bobuholi bethu obuletha lokhu, ngibona ekhoni lomgwaqo, amaphoyisa esifazane. Unamsebenzi muni owesifazane, eyiphoyisa, ebambana ngamandla nezidakwa, nezinto, phandle lapho na? Lowo bekufanele kube ngumsebenzi womuntu. Uma bebengabeka abanye balaba besifazane emuva ekhishini lapho bengabakhona, amadoda abeyoba nemisebenzi eminingi, kuyoba nabaningi babo. Kodwa ba . . .Kungalelohora nje nokho, bengenamsebenzi, kungekho sikhathi, akukho okusele, kul’khuni ukukwenza, ngaphandle kokufika kweNkosi, ukulungisa zonke izinto. Imisebenzi!

⁴⁶ Impilo yasekhaya ayiqondakali. Asikaze sibe nesikhathi lapho sasinezehlukaniso eziningi kangaka ngesikhathi sokuthula, njengoba sinazo manje. Impilo yethu yasekhaya ibhidlikile. Eminyakeni eyedlula, kwakuvamise ukuba ngukuthi—ukuthi umama nobaba wayesekhaya ebusuku, uma kwakungesikho okwezikhathi zasesontweni, noma okuthize. Futhi abalokothi bavumele abantwana babo bazulazule ezitaladini, futhi bagijime ngapha nangapha ubusuku bonke, futhi kulezizinsuku kubonakala kuwuhlobo lombono othandwa ngabantu.

⁴⁷ O, uya kanjani nje ekhaya lesimodeni namhlanje, buka ukuthi kuyini, Babayi, uzofanele aphuthume egunjini lokubheja, abafana badlala iphuli, noma badlala ibhola eliphoswayo lishaye izinto lingene emgodini, noma okuthize, yena noMa; udade usenkantini, ndawondawo, noma uphume kwenye iphathi yomculo wokuzibinya; UJunior unemoto yakhe endala yejubane, phandle ebona ukuthi bangaki angabashayisa, futhi lokho kuthi akube yimpilo yasekhaya. NeBhayibheli na? O, yiNcwadi enkulu, kodwa Lifakwe eshalofini ndawondawo, kuze kungene uMelusi, noma omunye umuntu. Futhi nje asinayo impilo yasekhaya esasivame ukuba nayo. Yi... Impilo yasekhaya ayiqondakali kakhulu.

⁴⁸ Indoda, kulezizinsuku, ishadelwa, nina bafo abasebasha, kungcono nikhuleke isikhathi eside, ucele uNkulunkulu ukuba akunike isithandwa, nina besifazane abasebasha, indlela efanayo, ngoba akuqondakali *kakhulu*. California, ngithola laphaya, ukuthi ngi—ngicabanga ukuthi kwakuphakathi kwamaphesenti ayishumi nanhlanu, noma amashumi amabili, into ethile efana naleyo, yempendukezelo, abantu abaphendukezelwe bandile onyakeni odlule noma emibili. O, ku—kubi kabi! Futhi impilo yasekhaya ayiqondakali.

⁴⁹ Ezombusazwe, azingaqondakali, akusekho ukuqiniseka kwezombusazwe. Amaqembu awakwazi ngisho nokuba nanoma yikuphi ukuqiniseka; akusekho ukulunga phakathi kwabo. Manje, omunye angahle athi, “Awufanele uphathe ezombusazwe epulpiti.” Yiqiniso lelo. Kodwa ubuqotho nobuKristu bekufanele kuphathwe epulpiti. Kunjalo. Mina, hhayi usopolitiki, ngingumKristu. Zombili izinhlangothi zonakele.

⁵⁰ Kodwa maduze nje, okhethweni lukaMongameli, ngisho badingeka babuyele emuva futhi bathola lemishini yokuvota, ukuthi uma uyo... balungisa kanjalo uma uvotela oyedwa, u—uyodingeka uvotele omunye futhi, ogwegwisiwe. Abazi ukuthi ubani okhethiwe, abasakwazi ukusho, akukho kuqiniseka kukho. Yibekeni phansi ukuba nibale amavoti, futhi omunye umuntu ugwegwile ngokwenele ukuwabala ngendlela engesiyo. Amaphathi, edonsa ukungenisa indoda yawo, akukho—kwethembeka.

⁵¹ Manje, ukuba uMnu. Kennedy wayekade engumRiphabliki, noma—noma ngabe yini, iDemokrati, uMnu. Nixon, akwenzanga mehluko, into ayilungile lapho imishini ihlelwa ukuba ivote ngokungesikho. Futhi iFBI yafakazisa ukuthi kwenziwa, kodwa abenzanga lutho ngakho. Niyabo? Kungani na? Uyamangala ukuthi kungani izinto ezinjalo zedlula ebusweni babantu, ukuthi kuze kwenzeke kanjani. Yingoba lezizinto zifanele zibe khona, sisesikhathini sokuphela, kuzofanele kube lapho, lendoda yayifanele ikhethwe, sisekupheleni. Futhi ngineqiniso ukuthi ungenza okubili nokubili kwenze okune, ukuthi sisesikhathini sokuphela. Futhi lemishini, akunandaba ukuthi bebengafakazisa kangakanani ukuthi babeyigwegwisile, izofanele ihlale iyindlela eyiyo.

⁵² Futhi omunye wathi kimi, umfundisi wangibizela phezulu, omunye wabaxhasi emhlanganweni olandelayo, omunye wemihlangano elandelayo esizweni, wathi, “Ngiyezwa ukuthi u, ushumayela kakhulu ngokumelana nodade ebandleni lethu begunda izinwele zabo, futhi—futhi begqoka izikhindi, nezinto.”

Ngathi, “Ngiyakwenza.” Ngathi, “Manje, uma—uma ungafuni ukulalela lokho, khona-ke ungathumeli ukungibiza.” Niyabo?

Futhi wathi, “Ucabanga ukuthi uyoke ukumise na?”

Ngathi, “Qhabo. Uyakholwa ukuthi uyoke usimise isono na?”

Wathi, “Qhabo.”

⁵³ Ngathi, “Awu, yini oyishumayelayo emelene nakho khona-ke na?” Niyabo? Okungalungile, akulungile, omunye uzofanele aphefumule amelane nakho. Kunjalo. Khuluma iqiniso, ngokuba lapho ulaka lukaNkulunkulu luthululwa, khona-ke ungeke. . . awuzukuba nazaba.

Yebo, okozombusazwe, ezombusazwe, imisebenzi, ukuphepha kwezwe, yonke into ayiqondakali.

⁵⁴ Manje, sehlela ebandleni. Ibandla, *elibizwa kanjalo*, aliqondakali. Manje, sinamahlelo cishe angamakhulu ayisishiyagalolunye ehlukenene e, le-United States, manje, futhi konke kuphambene nokunye, ngakho wazi kuphi ukuthi yini. . . wazini ukuthi wenzeni ngakho na? Nje u. . . Yisikhathi sokuphela nje, sisekupheleni kwendlela.

⁵⁵ Futhi njengoba ngibahlonipha kakhulu labo, ngamunye walabo, ngingaqoka ukuba neMethodisti *lapha*, iBaptisti *lapho*, iPresbyterian *lapha*, kanjalonjalo, futhi ngibe nabo ezweni lonke, kunokuba namajoyinti ogweva, nokutshuza, nezinto, bazokwenza okuhle kancane, akunandaba ukuthi bakuphi, uma kuyizimishini ezincane, futhi—futhi. . . Njengomunye umuntu asho, futhi ngethemba ukuthi angilimazi imizwa kanoma ubani, ngenkathi omunye ethi, “Ngingaqoka ukuba ngo—ngokaCampbell kunokuba ngingabi naku*Khanya* nhlobo.”

Ngakho, ngiqagele lokho kuthi akube njalo. Manje, akunandaba ukuthi kuyini, bazokwenza o—ohle kancane, futhi sibadinga bonke.

⁵⁶ Kodwa lolo kwakungesilo uhlelo lukaNkulunkulu, lolo kwakuluhlelo lwethu, ukwenza amabandla ethu namahlelo, sakuzama ensimini yase-Edene, kudala njengoba i-Edene yayinjalo. *Inkolo* kusho “isembozo.” No-Adamu wazama ukuzemboza ukuba enze indlela yakhe uqobo, azimboze, kodwa akusebenzanga.

⁵⁷ Yinye kuphela indawo uNkulunkulu ake ahlngane khona nomuntu, lokho akukho emfundweni yakhe, akukho ehlelweni lakhe, ukuzihlanganisa kwakhe, kungaphansi kwegazi. Futhi yile yondawo kuphela uNkulunkulu ake ayenza, noma ayoke ahlngane nesintu, ingaphansi kwegazi, yileyo indawo. UNkulunkulu wabeka phansi uhlelo ensimini yase-Edene ngegazi elichithiwe.

⁵⁸ Futhi uma uNkulunkulu eke enze isinqumo, Akasoze asiguqula, ngoba Uphelele, nakho konke Akwenzayo nakushoyo kuphelele. Ngakho-ke Angeke aluguqule uhlelo lwaKhe inqobo nje uma kusekhona izwe futhi inqobo nje uma kukhona isoni, yinye kuphela indlela, kusukela ensimini yase-Edene, ngenkathi isono senziwa kuqala, kuze kube isono sokugcina senziwe, linye kuphela icebo lokuhlengwa, lokho kungegazi elichithiwe, akukho okunye okuzosebenza, izivumokholo zethu, amahlelo ethu, nayo yonke into ibambe iqhaza, nengxenywe enhle, kodwa akusilo uhlelo lukaNkulunkulu, uhlelo lwaKhe lubuyele egazini.

⁵⁹ Ngakho amabandla nawo anamazwi angaqondakali, elinye lawo lithi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule.” Lokho akuqondakali ngempela eBhayibhelini. Niyabo? Omunye uthi, ngani, izinto ezehlukene futhi, “Ufanele usiphindaphinde *lesi* sivumokholo, futhi ufanele wenze *lokhu*, *nalokho*,” kanjalonjalo. Awu, akuqondakali kakhulu, ngoba baningi kakhulu babo, benza zonke izinhlobo ze—ze—zezinto ezehlukene eziphikisanayo, eyodwa ephambene *nalokhu* futhi iphambene *nalokho*, futhi cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlano ayo ephambene neBhayibheli.

⁶⁰ Ngakho, kukhona izwi elingaqondakali phakathi kwamabandla, phakathi kwezombusazwe, phakathi kwekhaya; yonke into ibonakala ingaqondakali.

⁶¹ Manje, iBhayibheli lasho, lapha, kuThimothewu wesiBili 3:7, ukuthi lezizinsuku ziyofika, Lathi bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu. Manje, kunjalo. Itelevishini ingene ekhaya futhi ibamba abantu basuke emihlanganweni yomkhuleko, inokuheha kuyo okuhehayo nokuhle.

⁶² Futhi angisho ukuthi ezinye zezinhlelo zabo azilungile, kunenqwaba yalo engalungile, siyakwazi lokho. Kodwa angi... Yebo, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye alo alilungile, kodwa ngithi kuzoba nephesente elilodwa lalo. Awu, okuthola kulelo phesente elilodwa, ubuhlosa ukudela lelophesente elilodwa wenzele iBandla likaNkulunkulu ophilayo, lapho okulungile ngamaphesenti ayikhulu, unghahlali ngoLwesithathu ebusuku ungayi emihlanganweni yomkhuleko na?

⁶³ Kodwa isono siyakhanga, noma ngayiphi indlela osithatha ngayo, isono siyakhanga esidalweni esingumuntu, ngoba uyisikhonzi se—sesizwe esiwileyo esiyiso. Futhi siyakhanga, uSathane uyazi ukuthi senziwa kanjani sikhange, uyi—uyisihlakaniphi emsebenzini wakhe. Futhi yena, futhi uma engakwazi ukusikhiphela lapho odabeni lwezwe, usiletha asingenise ngqo ebandleni, uza ngqo phezu kwenkundla yethu uqobo. Yingalesosizathu, bazalwane, bodadewethu, sifanele simqonde. Sekuyisikhathi sokuthi iBandla lalingokomoya ukuba liqonde, lazi uNkulunkulu, hhayi ngesivumokholo, hhayi ngehlelo, kodwa ngesehlakalo, ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

⁶⁴ Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngale eCalifornia, ngisanda kuphuma nje eBeaumont, izindawo ezehlukene, lapho kade sinemihlangano, nogcobo lukaMoya oNgcwele lwalulukhulu phezu kwami ngesikhathi, njengoba lufika kini, nathi sonke, futhi ubungaphumela emgwaqeni futhi nje uzwe ingcindezi. Manje, uma ungenalo lologcobo kuwe, awukunaki kakhulu, qhubeka nje. Lalelani, bandla, yingalesosizathu omunye ecabanga ukuthi ngilukhuni ngempela kubo, akusikho lokho, angifuni ukuba nesihluku kubantu. Kodwa uma nje wehlela phansi kogcobo, lapho ongabuzwa khona uBukhona bukaNkulunkulu, bese-ke uhamba ungene ebukhoneni besono, kuyakuphendula, futhi awukwazi ukuthula, ufanele usho okuthize, futhi wugcobo lukaMoya oNgcwele.

⁶⁵ Futhi lapho uthi kubantu, “Ngabe ungumKristu na?” Awu, ngokushesha bazokutshela ukuthi bangabehlelo elithize, noma inhlango, niyabo, futhi ba—banelisekile ngalokho. Babonakala becabanga ukuthi yilokho kuphela okwanele, yilokho kuphela okufanele kube yikho, uma bengabe—inhlangano ethize, yilokho kuphela abafanele bakwenze. Awu, lokho kwakuvame ukuthi sasibiza labobantu ngabandayo, amaBaptisti agcina umthetho ngegama, namaMethodisti, kodwa manje ngabandayo, amaPentecostal agcina umthetho ngegama analeyondlela, nawo. Ku—kusebandleni lePentecostal, ngamunye ufuna ukuthi, “Ngingowalokhu,” noma, “Ngi...” nalokho kulungile, angikulahli lokho, lokho kuhle. Kodwa ofuna ukuba yikho, uma uzisho ukuthi iPhentekoste, iPhentekoste yisehlakalo lapho owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane ezelwe ngokusha nesehlakalo sePhentekoste

sikaMoya oNgcwele.

⁶⁶ Futhi uthi nje ungakwemukela lokho umhlaba wonke ubonakala ukusinda. O, uzibophele ejokeni noKristu. Futhi kwaIetha izinyembezi emehlweni aKhe, nosizi, ngisho nokufa emzimbeni waKhe, ngenkathi izwe ngalolosuku lalinesono kakhulu. Ucabanga ukuthi kwenzani namhlanje na?

⁶⁷ Ngangisendaweni, ngikholwa ukuthi kwakuse-Athens, noma ndawondawo, futhi ngi-ngibone i-isithombe, njengepuleti, odongeni. Qhabo, ngi-ngiyaxolisa, nginakho e-ekuqoshweni noma isithombe sesithombe esidumile esithi *Imizuzu emiThathu Kuze Kube Phakathi Nobusuku*, ukuthi isayense ithi yilapho esiphila khona, imizuzu emithathu yaphakathi nobusuku, nalokho kwashiwo cishe iminyaka emithathu, noma emine, noma emihlanu edlule, ngikholwa ukuthi sesingene emizuzwaneni manje, yokuhamba kwesikhathi. Manje, ngingaba nephutha, kodwa kubonakala nje ngaleyondlela kimi. Futhi babenesithombe sikaKristu, njengokuthi, epuletini, nezinyembezi, lapho Ebuka phansi emhlabeni, lwaluqathaka ebusweni baKhe.

⁶⁸ Ngiyamangala uma nje akucishe kube njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa, ngenkathi uNkulunkulu asho ukuthi kwaze kwaMdabukisa ukuthi Wenza umuntu. Ngiyamangala ukuthi akukafinyeleli yini kuleyondawo futhi kulobubusuku, ukuthi yena impela umuntu Amdalile, futhi wazinikela Yena uqobo ngenxa yakhe, futhi wahlenga lowo...ukuhlenga lowomuntu, futhi uyakwedelela emuva ebusweni baKhe.

⁶⁹ Lonyaka osabekayo esiphila kuwo, wokujoyina ibandla nje, lokho ngukuthi (Uma ucabanga ukuthi ungumKristu, nento ethize yakutshela, wawungumKristu ngoba wenze ukuvuma, futhi wajoyina ibandla, lelo yizwi elingaqondakaliyo.), yingalesosizathu namhlanje, abantu bengayikhathalele invuselelo, yingalesosizathu izwe lingayifuni. Sifanele sibe nezwi eliqondakalayo elithize kulo, izwi eliqondakalayo.

⁷⁰ Futhi isizathu, namhlanje, ukuthi lapho sinomhlangano othatha isikhathi eside, noma ukubuthana ndawonye, abalitholi izwi eliqondakalayo langempela. Kodwa ngenkathi benemvuselelo ngoSuku lwePhentekoste, kwafika izwi eliqondakalayo livela eZulwini, njengokuvunguza komoya onamandla owagcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo, lelo kwakuyizwi eliqondakalayo, kwakungu-ubufakazi obubonakalayo ukuthi uNkulunkulu wayephakathi kwabo.

⁷¹ Ibandla namhlanje, kunjengoba kwakunjalo e-e-Edene, empumalanga yesango, kwakukhona uKayini, wenza i-i-altare, walakha lapho, futhi wagxumeka isikhumbuzo sikaJehova. Wayengesuye umphikinkolo, wenza i-altare futhi, esikhumbuzweni sikaJehova, futhi wabeka umhlatshelelo kulo, futhi wazendlala e-altare, futhi wamemeza kuNkulunkulu.

Futhi uNkulunkulu wakwala ukubiza kwakhe, ngoba kwakungenazwi elikahle, kwakungekho lutho lapho lokumemeza, owayefa, kwakungekho lutho, kungekho kufa ukuMthoba. Leso sono sasifanele sikhokhelwe ngokufa, “Mhla nidla kuwo, niyakufa ngalolosuku.” Futhi wabeka izimbali, futhi wakwenza kwaba kuhle, kodwa kwakungekho lutho lapho ukusho ukuthi kwakukhona ukufa.

Futhi e-altare lika-Abela kwavela ukukhala kwewundlu, kwakukhona ukufa ukukhokha inhlawulo, igazi lalichithwa.

⁷² Futhi namhlanje, ngenkathi uNkulunkulu, njengoba kwakunjalo nje ngalolosuku ngenkathi Etshela uKayini. UKayini wadumazeka, wathi, “*Nakhu* okuhle ukwedlula konke engingakwenza, Ungakuthatha noma ukushiye, wenze noma yini Ofuna ukuyenza ngakho, kodwa yilokho kuphela engingakwenza ngakho.”

⁷³ Yileyondlela umKristu wesimanje akhonza ngayo namhlanje, “Ngiya esontweni, ngisiza abashumayeli, ngikhokha okweshumi kwami, ngi—ngi—ngi... Uma bengena ephathini yenhlaliswano, ngi—ngi—ngibeka ingxenye yami kuyo, Futhi uma—uma bedinga umnikelo wobuthunywa benkolo, ngi—ngiyasiza kuwo.” Lokho kuhle, kodwa lokho akusikho lokho uNkulunkulu akudingayo, Ufanele ezwe ukuzwakala kokufa. Akabusiswe uNkulunkulu!

⁷⁴ UNkulunkulu akufunayo namhlanje, *nguwe* ukuba ufe, ufe ezintweni zezwe, nawe uqobo, uzwe ukumemeza, “Nkosi, ngithathe njengoba nginje!” Yilokho uNkulunkulu akufunayo, Ufuna lowomsindo wokufa, lokho kufa kukhehlezelela kuka-Adamu omdala, ofayo, ukuze Angene futhi athathe indawo yaKhe, futhi akubuse, futhi abe yiNkosi yakho. O, isikhathi esinje pho esiphila kuso!

⁷⁵ Manje, sibona uNkulunkulu watshela uKayini, Wathi, “Qhubeka futhi ukhonze njengomfowenu, u-Abela, futhi uzokwenza kahle. Qhubeka futhi wenze ngendlela enza ngayo, kuzolunga kuwe.” Kodwa uma engakwenzanga, isono silele emnyango, nento efanayo namhlanje. Ngakho, sithola ukuthi akukho-zwi eliqondakalayo ebandleni, iBandla, *elibizwa kanjalo*.

⁷⁶ Manje, ibandla, senza ibandla namhlanje, elibizwa nge*Bandla*, inhlango, sithi lelo yiBandla. “A, ungowaliphi ibandla na?” Ngani linye kuphela iBandla, linye kuphela. Kunezinhlango eziningi, kodwa iBandla elilodwa, izinhlango eziningi. Futhi njengoba ngi, ngifuna ukukucacisa, anginalutho kubo, badlale indima enkulu, kodwa lokho akusikho okwamanje, akusikho.

⁷⁷ Ababili... *Ibandla* kusho “ababizelwe ngaphandle, abahlukanisiwe.” Futhi abantu ababili abakwazi ukuhlala kuwe ngesikhathi esifanayo, ufanele ufe ezintweni zezwe

ukukhonza uNkulunkulu. Ungeke wathanda uNkulunkulu nomamona ngesikhathi esifanayo. Futhi inqobo nje uma uthando lwezwe luse—se—senhliziyweni yekholwa, liyaminyana futhi liziphuce lona uqobo emalungelweni uNkulunkulu amnike wona. UNkulunkulu akafuni nibe nokungabi namalungelo, Ufuna ube nalo lonke ilungelo Alifelayo, lonke ilungelo Alinika iBandla, Ufuna ulijabulele, lingelakho.

⁷⁸ Ukuba—ke ngithengele umfanyana wami ibhayisikili, noma, futhi waliphosa emuva ebusweni bami, futhi athi, “Angiyifuni into”? Lingabongwa. Ukuba—ke uthengele intombazanyana yakho u—unodoli omncane, futhi yawucosha yase iwuphosa emuva kuwe na? Ongabongiyo. Niyabo, yileyondlela esiyiyo, lapho sizama ukuphila ngaphansi kwamalungelo uNkulunkulu asinika wona. UKristu wafa ukuze sibe nalamalungelo. O, Ufanele azizwe kanjani namhlanje lapho sesithathe olunye uhlelo oluthize, futhi saphosa uMoya oNgcwele emuva ebusweni baKhe, futhi sithi, “Asisabudingi lobobuhlanya, ngizovele nje ngijoyine ibandla. Ngi—ngiyi . . . !”

⁷⁹ Ungeke walijoyina iBandla, ayikho into okuthiwa ngukujoyina iBandla. U—ungahle ujoyine inhlango, kodwa ungeke walijoyina iBandla, ngoba ufanele uzalwe eBandleni, Ungeke wajoyina kuLo, ufanele uzalwe kuLo. Futhi onke amakholwa azalwa eBandleni likaNkulunkulu, iBandla le, hhayi inhlango yeBandla likaNkulunkulu, kodwa iBandla likaNkulunkulu ophilayo, okunguKristu ovukile kwabafuleyo, futhi uphila phakathi kwethu. Lokho ngukuthi . . .

⁸⁰ Manje, khona—ke kukhona amazwi angaqondakali lapho bethi, “NgiyiPentecostal Assemblies. NgiyiPentecostal United. NgiyiPentecostal Church of God. NgiyiPentecostal Holiness. NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian.” Zonke lezozinto, zilungile, maqondana nalokho.

⁸¹ Angiqondile ukuthuka okungcwele ngokusho lokhu, umfo omdala oyikhaladi, edla ikhabe, bamnika ucezu lwalo, balilungisa lonke, futhi uyalidla, futhi lavela lashelela lehla *kanjalo*, futhi washaya imbewu yaphuma ohlangothini lomlomo wakhe, bathi, “Ulithande kanjani lelo Mose na?”

⁸² Wabuka enye ingxenye enkulu yalo, niyazi, lapho lesosiqephu esincane esisodwa siphuma khona, wathi, “Basi, belimnandi, kodwa kusekhona okunye kwalo.” Ngakho yileyondlela okungayo, lezizinhlangano zilungile, kodwa kukhona okunye okuningi kwakho, okuningi kwakho. Yilokho esikufunayo, okuningi kwakho, yebo.

⁸³ “Befunda njalo, bengasoze bafinyelela ekulazini iqiniso. Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabazonda abalungileyo.” Nikuqaphelile lokho na? Ekuqaleni kwesahluko, kwathi,

“UMoya ukhuluma ngokucacile, ukuthi ngezinsuku zokugcina,” lokho kuyoba yisimo. “Ngezinsuku zokugcina, abantu bafanele babe ngabazithandayo, abaziqhenyayo, abaqhoshayo, abahlambalazayo,” o, “abangengcwele, abangenaluthando lwemvelo,” hhayi ngisho nothando lwemvelo, “abangenakuthuliswa, abahlebayo, abangenabumnene, nabazonda abalungileyo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu,” manje, lelo yiZwi likaNkulunkulu, futhi Lifanele ligcwaliseke, “benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.”

⁸⁴ Aniboni yini, basukile kulelozwi eliqondakalayo, bathatha izwi elingaqondakaliyo. Uyangena, wayesethi, “I...Sajoyina ibandla, sabhaphathizwa, futhi safaka igama lethu encwadini.” Manje, lelo yizwi elingaqondakaliyo.

⁸⁵ Futhi omunye wabazenzisi abakhulu kunabo bonke emhlabeni ngukuba nezwi elicishe lifane nezwi langempela, futhi wanele nje ngakho ukuba kungabi izwi elikahle. Amanga amakhulu kunawo onke ake akhulunywa, yilawo anenqwaba yeqiniso kuwo, bese kuthi-ke ekugcineni ngqo, kunamanga. Yileyondlela uSathane atshela u-Eva ngayo, wakhohliswa yikho. Owesifazane wayengaqondile ukuba njalo, kodwa wayekhohlisiwe ngoba kuzwakala kuyiqiniso kakhulu. Niyabo?

⁸⁶ Futhi lapho bekutshela, ungavele nje ujoyine ibandla futhi ube kahle, noma ufafazwe, noma ubhaphathizwe into ethize, noma wenze *okuthize*, kuzoba kahle, lokho—lokho akusikho, mfowethu, umuntu uzofanele azalwe ngokusha ngamanzi, nangoMoya, futhi agcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Niyabo? Khona-ke uyisidalwa esisha, khona-ke unezwi elizwakalayo elizwakala kahle.

⁸⁷ Manje, lapho izwi lingena, liguqula izimo zokuzwa ezindlebeni zakho. Niyabo? Ngaphambili, wawungawuzwa, manje usuyawuzwa. Omunye eshumayela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, amandla kaNkulunkulu, ubuyohlala lapho nje ungasokile ezindlebeni njengoba ubungaba njalo, ungezwa lutho, “Umelusi wami akakukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi lokho ngubuhlanya.” Kodwa lapho kufika elinye izwi, njengokuvunguza komoya onamandla, futhi lisoka lezozindlebe, khona-ke lelo yizwi elimnandi, lapho uhamba uyozwa lelozwi lokuvunguza ngamandla . . .

⁸⁸ O, into yokuqala uyazi, kuletha iziphethu zenjabulo emphefumulweni wakho, futhi umpongolozwe, “Amen. Kunjalo. Kushumayele, Mfowethu. Haleluya! Lokho kuhle.” Niyabo? Sekukunyakazisile-ke, uya ndawondawo.

⁸⁹ Kodwa namhlanje, kungukuthi nje, “Joyina ibandla.” Niyabo, yizwi elingaqondakaliyo. “Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu,” lowo nguThimothewu wesiBili 3—uThimothewu

wesiBili 3:7, “befunda njalo, bengasoze bafinyelela ekulazini iqiniso.” Niyabo? Befunda njalo, befunda njalo, mfowethu, sinamakholiji, nezikole, nama Ph.D., nama Dh.D., nama D.D.D., nama Q.S.T., nazo zonke izinhlobo zayo yonke into, “befunda njalo, kodwa bengasoze bafinyelela ekulazini iqiniso.” Kunjalo. Uneziqu zobudokotela, futhi sithumela umntwana wethu, futhi, e—ekholiji lezenkolo ndawondawo, futhi azitholele iziqu ezinkulu kakhulu noma *okuthize-okunye* kanjalo, futhi uyaphuma futhi—futhi uba—u—u... namanje kusekhona okungalungile.

⁹⁰ Ungeke... Manje, esikudingayo namhlanje, futhi mangiqondise isitatimende sami, namhlanje, ngishumayela, umfundisi, umshumayeli wevangeli, akasuye umuntu kakhulu kangako obenga... ubesengalokhu enalokhu futhi abe ngumshumayeli, kodwa sethembele phezu kwe—kwesiqu esinaso, ukuthi sazithola kanjani iZiqu zethu zobuCiko, nokuthi salithatha kanjani iBhayibheli, futhi safunda *lokhu*.

⁹¹ Udeveli wazi kakhulu ngeBhayibheli kunoma uyoke wazi, ngizokutshela lokho manje, wazi konke ngaLo. Labo, ezinye zezitshudeni zeBhayibheli ezedlula zonke engake ngahlangana nazo, kwakungabaphikinkolo, baLifundisisa nje imini nobusuku, kunjalo, ukuqophisana nani ngaLo. Akusikho, iBhayibheli alifanele kuqoshiswano ngalo, iBhayibheli lifanele liphilwe. Niyabo, uma ufaka leyoMbewu emhlabathini ongavundile angeke Liphile, kodwa uma uLifaka emhlabathini ovundile Lizophila.

⁹² Nifundile, lapha esikhathini esingeside esedlule, ukuthi bahamba kanjani futhi bakhhipha omunye walowokolo enqolobaneni eGibhithe, owafakwa phakathi lapho nguJosefa na? Unembewu kabhekilanga eneminyaka eyizinkulungwane ezine ubudala, imbewu kabhekilanga eneminyaka eyizinkulungwane ezine ubudala, wawutshala emhlabathini, waweza ubhekilanga. Amen. Ukolo waweza ukolo. Ngani na? Waqhuma, leyombewana ayifi, niyabo, iphakathi lapho.

⁹³ Akunandaba ukuthi bakubekaphi, uma uzelwe ngokusha, futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, ungahle ungabi ngisho u—u... umlotha owanele ukubamba uzipho lwakho oluncane, kodwa uzovuka futhi ekuvukeni, ngoba unokuPhila, wembathiswe amandla, futhi, uvela Phezulu, futhi kukhona ukuPhila kuwe. Kukhona izwi elenzekile, izwi, izwi eliqondakalayo owazi ukuthi kwenzekeni, wafa futhi wazalwa ngokusha, uba yisidalwa esisha.

⁹⁴ Amazwi angaqondakaliyo, izwi elingaqondakaliyo lemisebenzi, ukungaqondakali ezindabeni zezwe, ukungaqondakali kwezombusazwe, ukungaqondakali ekhaya, khona-ke ungahle uthi kimi, “Mfowethu Branham, uthi yonke

into ayiqondakali. Ayikho yini into eqondakalayo na?” Yebo, yinye into eqondakalayo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . Kuyiqiniso Phakade. Kuqinisekile Phakade. O, awusoze wasuka kukho, yi . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . isahluko, uJesu wathi, ivesi 35, Wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze ledlula.” Khona-ke kungokuqinisekileyo Phakade.

⁹⁵ Manje, niyabo, asisakwazi ukubeka ithemba ezindabeni zikazwelonke, nemisebenzi, noma kwezombusazwe, nasemahlelweni ethu, kanjalonjalo, kodwa yinye into eqondakalayo, leyo yiZwi likaNkulunkulu nesithembiso sikaNkulunkulu, uma uNkulunkulu esho noma yini, lokho kukuzazulula ingunaphakade.

⁹⁶ Lapha esikhathini esithize esedlule, bazama ukusho ukuthi—ukuthi uNkulunkulu wenza amaphutha amaningi kakhulu. Niyazi, basho lokho ngenkathi uDavide eshaya ihabhu lakhe, isayense, ngokoqobo yazama ukufakazisa ukuthi yayingekho into okuthiwa ihabhu ngezinsuku zikaDavide, babengenawo amahabhu, kodwa, ekugcineni, bamba obunye ubufakazi obubonakalayo ukuthi kwakukhona amahabhu.

⁹⁷ Kwathiwa ngenkathi u-Abrahama ethatha amakameli akhe futhi wehlela eGerari, bathi akuzange kubekhona amakameli ezansi phakathi lapho, kodwa lapha, maduze nje, bagubhe amathambo futhi bathola ukuthi kwakukhona amakameli ezansi lapho. Niyabo?

⁹⁸ Ngakho, bathi iBhayibheli alinaqiniso, babehamba bembe phansi futhi bathole i, abakubiza ngensimu yase-Edene, kufakazisa ukuthi nje kwakungukuqala kwempucuko, ndawondawo, futhi ngenkathi bamba phansi, bezama ukufakazela ukuthi iBhayibheli alisilo iqiniso, bamba i . . . edwaleni, lapho kwakulotshwe khona, lapho u-Isaya waphulukisa uHezekiya enamathumba. Ukufakazisa nje ukuthi . . .

⁹⁹ Futhi bathi izindonga zaseJeriko aziwanga phansi, yayingekho into enjalo, bamba nxazonke lapho, futhi yayingekho into enjengezindonga. Nomunye udokotela othize wehlela lapho wayesemba phansi, kwehle njalo, kwehle njalo, futhi wathola ukuthi, zazilapho, amafidi angamashumi amabili noma amashumi amathathu ngaphansi kwalapho aba—ababekade bamba khona, futhi zazilapho, zitakelene phezu kolunye nolunye, ngayo impela nje indlela iBhayibheli elasho ngayo. Ngakho uNkulunkulu wayeqinisele empeleni. Mm!

¹⁰⁰ Baphendula bathi, ukhokho kakhokho, kakhokho, kamkhulu wakho, uma wayengumgxeki, wathi, “Ngeke kwabakhona inqola eke ihambe ngaphandle kwehhashi lihintshwe kuyo.” Kodwa sinayo noma kanjani. Kunjalo.

Futhi zonke lezizinto uNkulunkulu akhuluma ngazo, ziyiqiniso laPhakade.

¹⁰¹ Lapha esikhathini esithize esedlule, kwabuzwa ngoSolomoni eBhayibhelini, ngenkathi ethi, “Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe, unjalo.” Awu khona-ke, usosayense wathi, “Buka lapha, akukho-mikhakha yengqondo enhliziyweni yomuntu, uSolomoni wayeqonde ikhanda lakhe.” Hhe! Ukuba wayeqonde *ikhanda*, wayeyosho, *ikhanda*, yilokho-ke. Ngi-ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyiyo impela nje indlela eLilotshwe ngayo. Nje, ngiyakholwa ukuthi Lelo yiZwi likaNkulunkulu, nje, ngikholwa ukuthi LinguNkulunkulu. UNkulunkulu akangcono kuneZwi laKhe, awungcono kunezwi lakho. Izwi lakho uqobo yilona elizoma lapho ukukwehlulela ngaloloSuku.

¹⁰² Manje, eChicago cishe eminyakeni emine edlule, intombazanyana kaMfowethu Mattsson-Boze, uJoyce, izoshada ngenyanga ezayo, intombazanyana ethandekayo, ihlala njalo ingitshela okuthize, futhi ihleka, njalo nje inehlaya elincane ukungitshela lona, isho ngento ethize e—engumfantu omncane ezofanele iwenze ngento ethize, futhi ithi kimi, yathi, “Uzwile ukuthi bekuyini ephepheni namhlanje na?”

Futhi ngathi—ngathi, “Manje, awume kancane, Joyce, manje yini—yini ozongitshela yona manje na? Ini . . .?”

¹⁰³ Wathi, “Qhabo lokhu akusikho, Mfowethu Branham,” wathi, “Ngizokuletha kuwe, ngikukhombise.” Wathi, “Ngikuzwile usho ngomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe.” Ngakufunda eBhayibhelini. Yathi, “Manje, namhlanje bakutholile, futhi bakufakazisa, akukho e, akukho kwenye inhliziyo, kodwa inhliziyo yomuntu, akukho enhliziyweni yesilwane, kodwa kukhona ikamelo elincane enhliziyweni isayense ethi yindawo lapho umphefumulo uhlala khona.” Ngakho ngakho-ke uNkulunkulu wayeqinisele ngenkathi Etho, “Njengomuntu ecabanga enhliziyweni yakhe.” Niyabo, kukhona umkhakha wengqondo enhliziyweni.

¹⁰⁴ Manje, uma uthi, “Awu manje, ngi—ngi—ngi . . .” Wake wa . . .? Nonke nibe nalokhu: izikhathi lapho niyocabanga ukuthi, “Awu, a—angazi noma kungenzeka noma qha.” Futhi khona manjalo *into ethize* iyakutshela nje, “Kuzokwenzeka,” kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu uthini, uyazi ukuthi kuzokwenzeka. Sonke sibe nalezo zehlakalo. Yilapho inhliziyo yakho icabanga khona, leyo yinhliziyu yakho ikutshela.

¹⁰⁵ Manje, ingqondo iyazindla, kodwa inhliziyo ayizindli, iyakukholwa nje. Uma bengingake ngishayeke lokho ekhaya kuye kwesinye sezethameli zami, bengingaba nenkonzo yangempela yokuphulukisa, ukuba bengingake ngithole izethameli zami ukuba zibone lokho, ukuthi akusikho okucatshangwa yikhanda lakho nhlobo. Yilapho udeveli

ehlala khona, kodwa uyakuzindla, “Ngi—ngiyagula, angikwazi ukuphila. Ngi—nginalokhu,” noma, “Ngeke ngasindiswa, ngi—ngi—ngenze okuningi kakhulu.” Niyabo, lokho *umdlinzo*, kodwa sifanele silahle phansi izizindlo. Kunjalo. Silahla imizindlo yethu, sikhulwa ngenhliziyo yethu.

¹⁰⁶ Ensimini yase-Edene, umuntu wayehlukaniswe izingxenyane ezimbili, udeveli wathatha ikhanda lakhe, futhi uNkulunkulu wathatha inhliziyo yakhe. Udeveli umenza abuke izinto, futhi athi, “Awu, ngeke nje kwenzeke, ngingakuzindla.” Futhi uNkulunkulu wathatha inhliziyo yakhe ukuba ahlale enhliziyweni yakhe ukumenza akholwe yizinto ikhanda lakhe elingazi ngisho lutho ngazo. Kunjalo. Ngakho kusenhliziyweni yakho ucabanga. Phansi *lapha*, yilapho kuvela khona iZwi eliqondakalayo ngempela, livela enhliziyweni, yilapho uNkulunkulu ekhuluma khona, futhi *nakhu* lapho udeveli ekhuluma khona. Ngakho asilahle phansi lokho udeveli akusho, futhi sithathe iZwi eliqondakalayo, naleloZwi eliqondakalayo nguNkulunkulu ekhuluma enhliziyweni yethu, lelo yiqiniso, izithembiso zikaNkulunkulu.

¹⁰⁷ Ake sibe nengxoxiswano nje okwemizuzu emithathu noma emine elandelayo, thola abanye abathatha izithembiso zaKhe, nokuthi ngabe zazingamaqiniso noma qha. Abazindlanga ngazo. UNkulunkulu ukwenza ucabange ngezinto, futhi wenze izinto ezingenangqondo ekhanda lomuntu. Benikwazi lokho na?

¹⁰⁸ Nangu umfana omncane ehlezi lapha esihlalweni, isihlalo esinamasondo, mhlampe, mhlawumbe umama wakhe nobaba bangahle ukuba bamletha, futhi u...mhlawumbe odokotela bamenzele yonke into abangayenza. Niyabo? Wathi, “Sekuphelile.” Awu manje, uma uzolalela lokho akutshela khona, khona-ke sekuphelile, kodwa uma kukhona into ethize eqala ukusebenza phansi phakathi *lapha*, mfowethu, lokho—lokho kwehlukile-ke, lokho ngelinye izwi.

¹⁰⁹ Manje, *lelizwi lithi*, “Sekuphelile.” Kodwa *lelizwi liyizwi eliqondakalayo*, *lizophika leli*. Manje, kuncike ekutheni... Futhi *leli lizozama ukuphika lelo*, ngapha nangapha. Kodwa kuya ngokuthi yiliphi olilalelayo.

Njengoba iNdiya lalinjalo ngalesosikhathi, elasindiswa. Lathi, “Uphila kanjani, Nduna na?”

¹¹⁰ Lathi, “Awu, selokhu ngisindisiwe, kunezinja ezimbili kimi, futhi,” wathi, “enye imhlophe nanye imnyama, nemhlophe ifuna ngenze okulungileyo, nemnyama ifuna ngenze okungalungile.” Lathi, “Ziyalwa ngaso sonke isikhathi.”

Wathi, “Awu, uphila kanjani—kanjani na? Yiyiphi ephumelelayo, Nduna na?”

¹¹¹ Uthi, “Kuya ngokuthi iyiphi iNduna eyondla kakhulu.” Awu, yilokho-ke. Uma uzolalela ukuzindla, uyohlala njalo *unalomfo onqotshiwe*, kodwa uma uzolalela Izwi eliqondakalayo, iZwi

likaNkulunkulu, lisebenza enhliziyweni yakho, uzonqoba *lona*. Yiyiphi oyondlayo na?

¹¹² Ungalilaleli izwi elingaqondakaliyo, ngoba sinobufakazi uqobo kusukela phansi kuyo yonke iminyaka ukuthi uNkulunkulu wenza izimangaliso, wenza izinto isayense engazi lutho ngazo. Kunjalo. Ngakho ungakunaki okushiwo yilomfo, lapho lomfo eyokhuluma, lomfo akasuke endleleni. Kunjalo.

¹¹³ Manje, sithatha isibonelo nje, abantu ababili noma abathathu nje eBhayibhelini abalalela, futhi abazange bakhulume imizindlo yabo, bakhuluma kokwabo, *lelizwi elizwakalayo*.

¹¹⁴ UNkulunkulu wahlangana noNowa, futhi Wathi, “Nowa, lizokuna, futhi Ngi—Ngifuna wakhe umkhumbi manje, wokusindisa abendlu yakho.” Manje, benazi yini ukuthi lalingakaze line iconsi emhlabeni kwaze kwaba yilesosikhathi na? Lalingakaze libe nemvula. Manje, ungathini nje, lapho isayense...? Wena uthi, “Kwakungekho...” O yebo, kwakukhona, futhi, baphuma ohlwini lukaKayini, yebo, mnumzane, ososayense abakhulu, kude le ngaphambili kwalokho esinabo namhlanje, isayense enkulu kakhulu.

¹¹⁵ Bakha iKhanda elikhulu lehubesi eliqoshwe ngetshe nesivivane ngalezozinsuku, ngeke sakwenza lokho namhlanje. Babenezimpahla zokwakha ezazikhona, futhi babenamandla ayengaphezu kwanoma yini esasinayo, ngaphandle uma kuyi-atomu, babenayo iboshiwe. Futhi benza izinto esingazi lutho ngakho. Babekwazi ukwenza isidumbu esigqunyisiwe ngalezozinsuku, besingeke sikwenze namhlanje ukuba besifanele, akukho-nto enjalo eyenza isidumbu esigqunyisiwe namhlanje, kodwa bakwenza. Niyabo? Babengagqumisa ngendlela yokuthi futhi bazenze zibukeke ngokwemvelo kuthi ngqu kuze kube yilolusuku, izinkulungwane zeminyaka kamuva, asinakho lokho. Babenodayi oyohlala isikhathi eside, futhi nje izinto eziningi lapho esingenazo, isayense yabo yayithuthukile kithi.

¹¹⁶ Manje, isayense ingahle ukuba yathi, “Manje, ngifuna ukukubuza okuthize. Avelaphi ezweni lawomanzi na? Ngingabona phezulu yonke indlela kuze kuyofika ezinkanyezini, ngingabona yonke indlela kuya enyangeni, ngingabona yonke indlela kuze kuyofika elangeni, sinamathuluzi lapha angadubula umlayezo ngale enyangeni, singawela siye ezinkanyezini siya ngale kuMars, izinto ezinjalo, ngitshela ukuthi amanzi akuphi, ngiyacela, Mnu. Nowa.”

¹¹⁷ “Awu, ngizokutshela, ngezwa iZwi ngoluny’usuku, futhi KwakuyiPhimbo likaNkulunkulu elangitshela ukuba ngakhe umkhumbi. Futhi ngi... Ngokuqinisekile njengoba nje likhona izwe esiphila kulo, uNkulunkulu uzolibhubhisa ngamanzi. Futhi

lizokuna lehle ngqo livela kulelozulu, uNkulunkulu uyakwazi ukulibeka phezulu lapho. Uma Athi kuyofika, Uyokwenza indlela yakho.” Kunjalo.

¹¹⁸ Manje, ukuba kwakungaqinisekile, futhi wazi ukuthi lelozwi laliqinisekile, umgxeki wokuqala, wayeyothi, “Awu, mhlawumbe a—mhlawumbe angiqondanga kahle.” Yileyondlela abantu abenza ngayo namhlanje.

Udokotela uthi, “Awungcono.”

“Awu, mhlawumbe angiqondanga kahle. Mhlawumbe, ngi—ngi...” O, he! Niyabo? Kodwa uma uqinisekile ngalelozwi eliqondakalayo!

¹¹⁹ “Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo ubani ongazilungiselela ukulwa na?” Uma lingaqondakali, belingenzani isosha, uma—uma beku, bebelungiselela impi, futhi—futhi bakhapha izwi, futhi akuzwakalanga nje njenge—izwi elijwayelekile ukuya empini na? Ubengeke azi noma ahlehlele emuva, noma aye empini, noma noma ahlale phansi, noma—noma adle idina lakhe, noma ukwenzani, noma ukuyolala, uma kunganikezanga umehluko oqondakalayo ezwini.

¹²⁰ Ngakho, iZwi likaNkulunkulu alenzi noma yimaphi amathizethize, Linikeza izwi eliqondakalayo, izwi eliqondakalayo. Uma uNkulunkulu ekhuluma kumuntu ngamunye, kuqinisekile, angikhathali ukuthi omunye umuntu uthini, ukuthi isayense ithini, ukuthi isizwe sithini, ukuthi izwe lithini, ukuthi ibandla lithini, ukuthi noma ubani omunye uthini, kuyaqondakala. IZwi likaNkulunkulu liyiZwi eliqondakalayo; wonke umuntu owake waLizwa futhi waLilalela wenze okuthize, naye.

¹²¹ Manje, uNowa, exwayisiwe nguNkulunkulu, wasuka, futhi walungisa umkhumbi wokusindisa indlu yakhe. Lelo kwakuyizwi eliqondakalayo, uNkulunkulu wathi lizokuna, futhi lana, nalabo abathola indlela yokuphunyuka, bayithatha; labo abangazange, babhubha.

¹²² UNkulunkulu ofanayo owathi, “Lizokuna,” wathi, “Umlilo uzokwehla uvela eZulwini futhi ubhubhise izwe. Futhi kukhona indlela elungiselelwe nina, labo abazoyithatha bayophunyuka kuyo, labo abangayithathi bayobhubha.” Isoni sizobhubha nezwe elinesono, kodwa abahlengiweyo bayohlengwa nguMoya oNgcwele.

¹²³ UNowa wama ngqo emnyango walowomkhumbi, futhi waletha ukwahlulela phezu komhlaba, wehlulela labobantu, ngoba abawukholwanga uMlayezo, lokho uNkulunkulu ayezokwenza. Futhi waletha ulaka lukaNkulunkulu phezu komhlaba ngokuma emnyango womkhumbi wakhe futhi eshumayela ukulungisiswa. Wama emnyango futhi wamemezela

iZwi likaNkulunkulu, ngoba Labonakaliswa kuye njengeZwi elizwakalayo, ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza into.

¹²⁴ Kulobubusuku, njengomfowenu, ngimi emnyango waloMkhumbi, uKristu Jesu, futhi ngimemezele kini ukuthi UnguMsindisi, uMphulukisi, iNkosi ezayo. Futhi kusukela kulemilayezo yabefundisi emnyango, uyoletsa ulaka lukaNkulunkulu ekwahluleleni phezu kwezizwe, phezu kwezwe. LiyiZwi eliqondakalayo, siyaLazi, LiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi wonke lowo ongafuni uKristu ngensindiso uyobhubha, labo abonayo bayobhubha ngesono; bangabezwe, bayobhubha kanye nezwe.

¹²⁵ UNowa wagibela ngaphezu kwalo emkhunjini wakhe, ngoba wema emnyango wokulungiselela kuphela uNkulunkulu ayenakho kokuphunyuka. Futhi ngiyasho namhlanje, ukuthi ibandla lakho aliyikukusindisa, isivumokholo sakho ngeke sikusindise, kuzothatha uNkulunkulu ukukusindisa, uMoya oNgcwele, futhi ubhaphathizwe ngoMoya oNgcwele eMkhunjini kaKristu Jesu, “Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye,” iNto kuphela eyokusindisa. Kuzweni! Ungathathi izwi elingaqondakaliyo: “NgiyiMethodisti,” “NgiyiBaptisti,” futhi, “NgiyiPentecostal,” “Ngenze lokhu, ngenza lokhu, ngi . . .” Ungakuthathi lokho, lelo yizwi elingaqondakaliyo; kodwa lapho uNkulunkulu engena, lelo yizwi eliqondakalayo, niyazi ngakho, konke inqobo nje uma usaphila kulomhlaba, uyobe usalokhu ukwazi, kuyinto ethize eyenzeka kuwe.

¹²⁶ Kwakuyizwi eliqondakalayo, kwenza uNowa wahlanya ngaphambi kokuba kubonakaliswe, ngaphambi kokuba kufezekiswe, linjalo neBandla namhlanje, elemukela uKristu, futhi lizelwe nguMoya oNgcwele, abantu bacabanga ukuthi labobantu bayahlanya, abanye babo bathi, “Mfowethu Branham, ngabe useyiBaptisti na?”

Ngathi, “Qhabo, ngiyiPentecostal.”

“*Ini na?*”

Ngathi, “IPentecostal.”

“Uqonde ukuthini na?”

Ngathi, “Ngi-ngizalwe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi ngemukela uMoya oNgcwele.” Ngathi, “NgiyiPentecostal.”

Futhi wathi, “Awu, usuke ekugcineni okujulile.”

¹²⁷ Ngathi, “Qhabo, ngizwe nje izwi eliqondakalayo, futhi khona, nakhu lapho kuvela khona, kwakhala kwaphuma ngqo emakhasini aleliBhayibheli, kucace nje njengensimbi. Ngenkathi ngikwemukela, ngiyazi ukuthi kwenzekani, ngangilapho, ngiyazi ukuthi kwenzeka.” Impela, kungishintshile ngisuka ekufeni ngaya ekuPhileni, kungenzele okuthize, yizwi eliqondakalayo. Ku . . .

¹²⁸ Ngiyazi ukuthi ngiziphathisa okohlanyayo kubantu, futhi beningaziphathisa okohlanyayo kubantu, nani, nina enikwemukele, kodwa siyazi ukuthi simi kuphi, siyazi ukuthi sikhuluma ngani, yizwi langempela. Wuhlobo olufanayo nje lezwi elingena eBhayibhelini, lusenza siziphathe ngendlela efanayo, kuyokwenza umuntu omnyama, umuntu ophuzi, umuntu onsundu, bonke benze ngokufanayo, ngoba yizwi elifanayo. Amen. Izwi eliqondakalayo.

¹²⁹ Icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, awu, ngingaba yiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal ngegama, kumbe noma ngabe yini okunye, niyabo, akukho-siqiniseko salokho, kodwa lapho kufika lelozwi eliqondakalayo, khona-ke uyakwazi, izwi eliqondakalayo.

¹³⁰ Manje, kuthiwani ngoNowa emi lapho, eshumayela kude ukuthi lizokuna na? Ngani, abantu bamhleka, kodwa ngoluny'usuku kwabonakaliswa. Kunjalo. UNowa wagxoba khona lapho, wama khona lapho, futhi waqhubeka nje ebeka amapulungwe, egxoba, wayesephumela lapho futhi wagxumeka umkhumbi, wafaka ikolitayi kuwo.

¹³¹ Manje, wawenziwe ngomuthi womtholo, futhi uma uqaphela ukuthi lolo wukhuni olulula kunawo onke olukhona, lulula kunebhalsamu. Futhi yilokho umkhumbi owenziwe ngakho, yilokho—yilokho owenziwe ngakho, amapulungwe kulomkhumbi. Wenziwe ngokhuni oluncane, ukhuni olulula. Benzani ngakho na? Bafanele bakhipe onke amanzi kulo, futhi balenze lula, balomise, luze lome ngempela, bese kuthi-ke liyakwazi ukugoba, ungalusebenzisa.

¹³² Kuningi kakhulu kithi, njalo lapho siqala ukugoba, siyaphuka. Kodwa ufanele ukhiphe onke a—amanzi esihlahla ezwe kuwe, wonke amanzi omhlaba aphume kuwe, bese-ke uwabamba emlilweni, umlilo uzokhipha amanzi esihlahla. Futhi ngiyanitshela, kuthatha lokho-ke ukudonsa amanzi esihlahla aphume kithi manje, amanzi ezwe.

¹³³ Khona-ke benzani ngakho na? Bathatha isihlahla base begawula isihlahla serosini, futhi esikhundleni so—sokuthi nje basinqume, basithatha basishaye, futhi bashaya lesosihlahla baze bashaye irosini iphume kuso. Base-ke bekipha irosini kuleso, base belithela kulomuthi womtholo, futhi ngenkathi kwenza, kwagwalisa yonke lemifantu futhi ilukhuni kunensimbi, kunjalo, kunokuba yayinjalo emkhunjini. NoNkulunkulu wawugcoba ngaphandle, noma—noma, uNowa wakwenza, ngaphakathi nangaphandle, Wawugcoba. Awu, yileyo ndlela impela uNkulunkulu amtshela ukuba awakhe.

¹³⁴ Futhi yileyo ndlela esiwakha ngayo namhlanje. Asikwazi ukuthulula lamanzi nezinto eBandleni futhi siLenze noma yini. Ungabhaphathizwa ubheke phambili, ubheke emuva, noma ngabe yini oyithandayo, ngeke kusize ngalutho, nakancane.

Siphikisana ngezivumokhoho, ngokufafaza, ngokuthulula, *ngalokhu*, *lokho*, *nokunye*. Awu, kusiza ngani uma kuyilokho kuphela onakho na? Kunjalo.

¹³⁵ Futhi ngasho ukuthi angazi noma bake ba... Kwake kwaba ngesinye isikhathi ngisengumfanyana, kwakukhona... UMfowethu nami ngangiphandle emuva epulazini, futhi kwakukhona... sathola ufudu oludala, futhi waye... niyazi ukuthi zihamba kanjani nezinyawo zazo *kanjalo*, izinto ezibukeka zizakile. Futhi uMfowethu nami sacabanga ukuthi leso kwakuyisidalwa esibukeka sixakile ukwedlula zonke esake sazibona. Ngakho-ke, ngenkathi ngikhuphukela kulo ngqo, lwahamba lwathi *swushi!* Lwafinyela *kanjalo*.

¹³⁶ Njengokuthi nje, niyazi, uyahamba uyoshumayela iVangeli, uleneke ngempela, ubona lezozimfudu ezindala nje, niyazi, zifinyeleke oqweqweni, “*Bha!* Ngizokwehlela nje kuS’*bani-bani*.” A-hha. Yebo.

¹³⁷ Futhi ngenyukela kuye, ngathi, “Angazi noma besingakwazi yini ukulenza luhambe.” Awu, sa—saluncinza, futhi senze konke esingakwenza, a—aluhambanga. Ngaluphusha, ngalukhahlela ngapha nangapha, akulenzanga luhambe. Awu, ngaya ngale ngase ngizitholela uswazi, ngase ngiluthela ngalo, futhi alu—aluhambanga. Futhi ngathi, “Awu...” Futhi ngi... Yilokho-ke, u—ungeke—ungeke walubhaxabula ulufake kubo.

¹³⁸ Ngakho, ngase ngithi, “Ngi—ngi—ngizolulungisa, Mfowethu.” Saphuma saya emthonjeni ezansi lapho, futhi, umgodini wamanzi, ngavele nje ngaluhloma phansi phakathi lapho, ngathi, “Ngizoluminzisa, kungenjalo luzohamba.” Ngase ngilubambela phansi lapho, futhi nje amagwebu ambalwa akhuphuka futhi yilokho kuphela, lwalukahle nje. Mfowethu, u... amanzi awakwenzi.

¹³⁹ Kodwa niyazi ukuthi ngalwenza kanjani lwahamba na? Ngazitholela isiqephu sephepha, ngase ngibasa umlilo omncane ngase ngilubeka kulo, mfowethu, lwahamba-ke. Yebo.

¹⁴⁰ Uma kukhona noma yini eyokwenza iBandla lihambe kahle, lenze kahle, lizibonakalise, ngumbhaphathizo kaMoya oNgqwele noMlilo wehla uvela kuNkulunkulu uphuma eZulwini uyoqondisa iBandla, hhayi ukuqophisana *ngalokhu*, noma ukuqophisana *ngalokho*, kodwa umbhaphathizo wothando oluvuthayo lukaNkulunkulu olwehlayo, futhi ashanele akhiphe izinto enhliziyweni yakho, ukwenza isidalwa esisha kuKristu Jesu. Abesifazane bayoyeka izinwele zabo zikhule, nabesilisa bayoyeka ukubhema osikilidi, futhi ngiyanitshela, futhi, zonke lezizinto zizoqondiswa, uma nje nithola uMlilo wehlele kuzo. Qiniso.

¹⁴¹ Manje, kwabonakala kuxakile kabi kuNowa ngenkathi enza lokhu, kodwa waye... wezwa lelozwi eliqondakalayo, yilokho ayekufuna.

¹⁴² Manje, ake sithathe omunye umfo, kwakukhona indoda e—egama linguMose, wayengemuva kogwadule, egcwele nje imfundiso ngakho konke ayengakwenza. Wayazi konke u—ukungena nokuphuma kwazo zonke izinto, wayengafundisa ngisho abaseGibhithe, abantu abahlakaniphe kunabo bonke ezweni, wayengabafundisa isayense yezenkolo ethize. Kodwa ngoluny’usuku phandle lapho, wa—wabona into ethize eMlilweni, futhi kwathi ukumheha.

¹⁴³ Yilokho okukudingayo namhlanje, yiBandla eliseMlilweni ukuheha abanye balaba oMose ngapha ndawondawo, ukuheha ezinye zalezizoni, kuthatha uMlilo ukunikeza ukuheha. Udedela u—u—umsindo wenyuke emgwaqeni wo “Mlilo!” ngempela... wonke umuntu bagxumele emotweni yabo, futhi bazame ukuyilandela. Kukhona into ekhangayo mayelana nomlilo. Esikudingayo kulobubusuku nguMoya oNgcwele noMlilo, ozoheha ikholwa elibona okuthize.

¹⁴⁴ Ngikhumbula umngane wami omdala ogama linguBen Pemberton. O, ungumfo ngempela! Ngale eSt. Louis, wayenomhlangano wethende uqhubeka ezansi lapho, futhi akukho-muntu owayewuthamela, ngakho wagijima wehla ngomgwaqo lapho isiqephu esincane, khona impela phakathi nedolobha, futhi wampongoloza, “Umlilo! Umlilo! Umlilo! Umlilo!” Futhi washo wenyuka ngomgwaqo wahamba ephosa isigqoko sakhe ngamandla akhe onke. Wayenethende phezulu lapho, futhi wonke umuntu uqala ukugijima ukubona ukuthi kwakuyini indaba ngalomfo ohlanyayo. Wagijimela phezulu lapho, futhi wagxuma epul-...futhi wehla ngqo, wayengumhleksi nje, njengokuthi, wehla ngqo, futhi wagxumela epulpiti, wamemeza, “UMoya oNgcwele noMlilo!” Wayeseqala-ke ukushumayela ngamandla akhe onke. Lokho ngukuthi...Niyabo, into ethize, iheha ukunaka. Futhi into enhle kunazo zonke ukuheha indoda ephiyazayo nguMoya oNgcwele noMlilo. Yilokho uNkulunkulu akwenza.

¹⁴⁵ Manje, uMose akacabanganga ukuthi wayengakwenza. Wakuzama ngemibono yakhe uqobo yemfundiso, futhi akusebenzanga. Kodwa uNkulunkulu, ngoluny’usuku, wakhuluma kuye, wayesethi, “Khumula izicathulo zakho, Mose, Ngiyazi ukuthi uyinkosana eGibhithe, kodwa awulutho emehlweni ami. Khumula izicathulo zakho, usemhlabathini ongcwele. Susa konke, susa yonke leyonto onayo kuwe.” Futhi wezwa izwi. Wathi, “Ngizokuthumela ezansi ukuba ukhulule abantu baMi.” Manje, kwakungesikho okungaqondakali.

¹⁴⁶ Manje, uMose wazi kanjani ukuthi lokho kwakungesikho ukungaqondakali na? Ukuba-ke wayethe, “Ubani lo okhuluma nami na? Kuyini na?” Ngoba iPhimbo elikhulume naye lalihambisana ncamashi nomBhalo. Wazi kanjalo-ke noma ngabe izwi eliqondakalayo noma qha, noma izwi elingaqondakaliyo. Uma umBhalo...Uma iphimbo likhuluma

nawe lingekho ngokomBhalo, khona-ke ungalilaleli. Niyabo? Kodwa uma LingokomBhalo, Lizweni, ngoba LiyiPhimbo likaNkulunkulu. Niyabo? Wathi, “Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngiwubonile umsebenzi wabo-... ukuhlupheka kwabo, nabacindezeli babo, abakwenzile, futhi Ngisikhumbulile isithembiso saMi nesivumelwano saMi.” Niyabo?

¹⁴⁷ UMose wathi, “Lowo ngumBhalo impela.” Manje, yilokho ofuna ukukwenza, uzwe ukuthi hlobo luni lezwi onalo, ubone ukuthi ngabe kuyazwakala yini ngokomBhalo. Uma kuzwakala ngokomBhalo, khona-ke kuyizwi eliqondakalayo, ngoba izithembiso zikaNkulunkulu ziyiqiniso. Uma iBhayibheli...

¹⁴⁸ Uma uzwa isifundiswa esithile esincane siphuma ekholiji, futhi sithi, “Awu, ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, konke lokho kusetshenziwe.” Lalela, mfowethu, lelo yithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo nensimbi encencethayo, ungalalaleli lokho. Yebo, mnumzane.

¹⁴⁹ Kodwa lapho uMuzwa ethi, “UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade,” lokho yi—lokho yizwi eliqondakalayo, lokho—lokho yikho impela, “NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zakho,” lelo izwi eliqondakalayo. Niyabo? Manje, lalela izwi eliqondakalayo, hhayi elingaqondakali.

¹⁵⁰ Manje, noMose wehla futhi wakhulula abantwana, ngoba wayenezwi eliqondakalayo. Abantwana bamaHeberu bezwa izwi eliqondakalayo, akungabazeki, ngalobobusuku emhlanganweni womkhuleko, “UNkulunkulu wethu uyakwazi ukusikhulula, noma kunjalo, ngeke sithathe lutho olunye kodwa iZwi laKhe. Simi nje siqinisile impela kuLo, akunandaba ukuthi kwenzekani, sizohamba...” Kwakuyizwi eliqondakalayo. Kunjalo. Bayazi ukuthi babekhuluma ngani.

¹⁵¹ U-Abrahama, umlimi, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, mhlawumbe wayekade engumhedeni, uyehla uvela embhoshongweni waseBabiloni lapho ababenazo zonke lezozinkolelo-ze phezulu lapho, kanjalonjalo, kodwa ngoluny’usuku esasebenza phandle ensimini, wezwa izwi, futhi kwakuyizwi eliqondakalayo. Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, kungekho bufakazi obubonakalayo ukuthi izwi liyoke libonakaliswe, wakukholwa ngokuphindwe kabili nje njengoba enza ekuqaleni. Nakho-ke.

¹⁵² UNkulunkulu wathi, “Abrahama, uzoba no—uzoba ne...umkakho uzoba nengane. Futhi—futhi useneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala manje, futhi wena unamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, kodwa NgiyiNkosi, Ngi—Ngizothatha leyongane, futhi ngaleyo ngikwenze ubaba wezizwe zomhlaba. Ngizokwenza nje ubaba wezizwe eziningi manje.” Futhi emva kwesikhashana Wahlangana naye, futhi

washintsha igama lakhe, futhi wambiza esuka ku-*Abrahama*, e, *Abrama*, waya ku-*Abrahama*, umnika ingxenye yeGama laKhe, *Elohim*, futhi ngakho, ngoba WayenguBaba, wamenza uyise wezizwe.

¹⁵³ Manje, u-*Abrahama* waqhubeka nje ekholwa lesosithembiso, inyanga yokuqala, inyanga yesibili, unyaka wokuqala, unyaka wesithathu, unyaka wesihlanu, unyaka wamashumi amabili nanhlanu, wayesakukholwa. NeBhayibheli lasho ukuthi akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo. Niyabo? Wezwa izwi eliqondakalayo. Akunandaba ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, lokho akuhlangene ngalutho nakho, yizwi eliqinisile, akunandaba ukuthi kuyini. *Whewu!* O, uma nje beningathola lokho, Bandla, bekuzophela konke, ngiyanitshela. Izinto beziyokwehluka uma nje besingathola *lokho*, niyabo, lelozwi eliqondakalayo, ukuthi nguNkulunkulu. Sazi kanjani na? Washo njalo.

“Wazi kanjani, *Abrahama*, uzoba nalengane ngoSara na?”

“UNkulunkulu washo njalo.”

“Awu, buka lapha, unamashumi ayisithupha-nanhlanu.”

“Anginandaba noma ubenamashumi ayisithupha-namakhulu. Akunandaba ukuthi kuyini, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula.”

¹⁵⁴ “Ngiqagele wena, uma ku...O, ngizo, awu, ngizoza ngonyaka ozayo futhi ngibone ukuthi leyongane iphila kanjani—kanjani. Emva kwezinyanga eziyisishiyagalolunye ngi—ngizobuya ukuzobona ingane yakho.”

“Ingahle ingabikho lapha ezinyangeni eziyisishiyagalolunye, ngikholwa ukuthi izoba khona, kodwa uma ingekho lapha ezinyangeni eziyisishiyagalolunye, kungahle kube eziyisishiyagalolunye ezilandelayo.” Niyabo? “Izoba lapha.”

¹⁵⁵ Iminyaka yedlula, iminyaka yedlula. Kuthiwani ngakho na? Waya ngokuqina nje ngokuqina, ethi, “Udumo kuNkulunkulu! UNkulunkulu wakusho, o, bengegekukholwe ukuba bengifanele.” O!

¹⁵⁶ Kwenzekile ngabuka khona *lapha* ngase ngibona uMfowethu noDadewethu Kidd behlezi lapha. Ngani, wathi, esikhathini esingaside esedlule, ngi...udokotela wenza izwi, leyondoda endala yayifa, niyabo, futhi ngathi ukushisa amathayi emoto yami ukuba ngenyukele lapha ukuba ngiyovalelisa kuyo. Ngenkathi ngivuka lapho ekamelweni ngokunye ukusa, uMoya oNgewele wathi, “Qhabo, akazukufa.” Nangu. Ngizwile ukuthi usenyuke ngamaphawondi angamashumi amabili nanhlanu. He, he, he! Ngakho niyakubona lokho na? Yizwi eliqondakalayo, niyabo. Kuyisiqiniseko, uma uNkulunkulu asho njalo, *kunjalo*.

¹⁵⁷ Ngingena nje ngivela eCalifornia ngolunye usuku, ngangingalifakanga ipotimende lami, ngangikade ngingekho ekhaya izinyanga ezimbili, ngingezinyanga ezimbili impela, ngafaka cishe ipotimende lesibili, ifoni yakhala, kwakuyinenekazi. Awu, lalivame ukuthi ukuba intombi yami, eminyakeni edlule ngenkathi ngangivame ukwelusa iMilltown Baptist Church.

¹⁵⁸ Lalinamadodakazi amabili athandekayo, futhi lashada nendoda ekahle, uMfowethu Huff, futhi wayengumgayi, wayekade enawo, omunye weminwe yakhe nezithupha zakhe zinqunyiwe, umfowethu omuhle kakhulu. Babe—bebenamawele amabili—amawele, nanye intombazane, benza abantwana abathathu. Futhi amawele ayengamaKristu okuqina, a—ayengabantu be-UBC, kodwa a—amkholwa ngempela uNkulunkulu. Futhi ngakho bona, intombazanyana eyodwa, iya esikoleni, yathola ukudideka, amantombazane ayayitshela, “Awu, kungani ungabhemi njengoba senza na? Ucabanga ukuthi ungcono kunathi na? Awuyi ngani emidansweni na?”

¹⁵⁹ Manje, babengayi emidansweni, noma kanjalo babengabhemi noma baphuze, futhi bahlekisa ngakho. Intombazane ephile saka, yathi, “*Mm!* Mabagxumele emfuleni. *Yimi* engikhonza uKristu, abafuni bona, mabaqhubeke.”

¹⁶⁰ Kodwa omunye, uqala ukucabanga, “O, mhlawumbe kukhona engingakwenza.” Futhi wakha indida, washaywa wuvalo, wahlanya, bamyisa esikhungweni iminyaka emibili. Futhi ngakho, babezama ukumelapha, ngokumnika zonke izinhlobo zezinto, nokwelashwa, na—nakho konke. Bona... Akusebenzanga kahle.

¹⁶¹ Ngakho manje-ke, ngenkathi ngifika ekhaya, bathi, “Mfowethu Branham, bamyisa kulesosikhungo samaKatolika lapho, futhi ngoMsombuluko bazomthumela eMadison.” Lelo yingqamuzana elivalekile, elikwenzayo.

¹⁶² Uneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, futhi isihlakaniphi, ungomunye walabo abafuna ukuphelela. Ufundisa ngisho ne-ophera, futhi adlale umnyuziki, futhi afundise umculo eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Niyabo? Intombazane ehlakaniphile ngempela nje. Futhi ngakho u...UmKristu olungileyo ngempela, futhi abakuqondanga.

¹⁶³ Futhi ngakho ngenkathi bethe babezomfaka lapho egunjini elivalekile, kwakuyilokho kuphela. Bamnika, ngiyakhohlwa ukuthi kungaki ukwelashwa kokushaqeka, futhi lokho ngukudubula ebunyamani, niyazi, futhi ngakho nje kwamenza waba mubi kakhulu, ngakho udokotela wathi, “Alikho ithemba ngaye ngakho-ke sizomyisa eMadison, ngoMsombuluko.”

¹⁶⁴ Futhi ngakho, umama omncane wathi, “Ngiyakhumbula ukuthi kanjani uMfowethu Branham, wayevame ukuba

sezansi lapha e...futhi wayevame ukusitshela ngoKristu enguMphulukisi.” Wathi, “Mina, futhi ngizwe zonke izinhlobo zemibiko yamaphephandaba, nezinto, ngokuthi ubekuphi.” Babengabantu basemaphandleni, emuva le ngaphandle ezweni, futhi ngakho, futhi bathi, “Uma nje bengingathola ukubamba!” Ngakho bashayela iJeffersonville, ihhovisi, futhi bathi ngangiseCalifornia, ngibe sekhaya ngosuku oluthize. Wathi, “Awu, lokho nje kuzosinika...” Ngicabanga ukuthi lokho kwakungoLwesihlanu ngenkathi ngingena, lokho kuzoba ngoMsombuluko abazomthatha.

¹⁶⁵ Ngakho wahamba futhi wabuza udokotela ukuthi ngingeza yini, nodokotela wathi, “Qhabo. Qha. Ungamvuzi.” Wathi, “Akukho okungenziwa ngakho,” isazi sezifo zengqondo, nabo laphaya.

¹⁶⁶ Ngakho baqhubeka, noMfowethu Huff wathi, “Buka,” kwakuyisibhedlela samaKatolika, wathi, “umfowethu ufana nje nokuthi uma ubuzonikeza umgcobo wokugcina noma okuthize, umpristi.”

Wathi, “Awu, u...Akukho okungenziwa.” Wathi, “Ake ngikhulume nalowomshumayeli.”

Wathi, “Kulungile.” Futhi umnika inombolo yami.

Washaya ucingo, ngangiphumile, wathi, “Ube...” futhi watshela umkami, waphinde wamshayela ucingo.

¹⁶⁷ Ngashaya ucingo usuku lonke ngoMgqibelo, futhi bonke—ubusuku bonke, futhi kwaze kwaba ngeleshumi nambili nbo ngoMgqibelo ebusuku, angizange ngingene. Ngibonile ubengivika, niyabo, engivimbela ukuba ngingezi.

NoMfowethu Huff washaya ucingo, wathi, “Mfowethu Branham, bazomthatha ngoMsombuluko.”

Ngathi, “Ngiyakutshela, Mfowethu Huff, akangazi, ngakho-ke ngingenise njengesivakashi, ngivumele nje ngingene njengesivakashi.”

¹⁶⁸ Wayesethi, “Kulungile.” Ngakho ngosuku olulandelayo uyenyuka ukuzongilanda njengesivakashi. Futhi i...elakhe... iwele, elinye lamawele, nenye intombazanyana bangena emotweni ukuba bawele nami. Sawela umfula, futhi ngakho umama nobaba bashayela ngaphambili.

¹⁶⁹ Futhi ngiqala ukubuza amantombazane. Bathi, “Uyazi, into ehlekisa kunazo zonke, Mfowethu Branham,” aathi, “namhlanje ekuseni,” into encane ethandekayo, yathi, “uyazi, umelusi wethu wathi, waqala ukushumayela ngento ethize, futhi washintsha indaba yakhe futhi waqala ukukhuluma ngokuphulukiswa ngamafutha.” Futhi wathi, “UBabayi, umama waqala ukukhala ngoba, futhi senza nathi, ngoba besazi ukuthi ubu...uza ukuzokulanda.” Wathi, “Kukhona uhlobo

oluthile lokuphulukisa abantu abalwenzayo eBhayibhelini, ngamafutha.”

Ngathi, “E-hhe, Sisi,” ngathi, “Ngiyazi ukuthi ukhuluma ngani.”

¹⁷⁰ Wathi, “Ucabanga ukuthi lokho bekungaba ngokuphathelene, ukuthi uNkulunkulu wayezama ukusitshela ngomelusi wethu ngento ethize esasinethuba ngaleyondlela na?”

Ngathi, “Sizobona lapho sesifika laphaya, futhi sibone ukuthi uMoya oNgewele uthini.”

¹⁷¹ Futhi ngenkathi bevula umnyango, niyazi, bavula umnyango ngokhiye bese bewuvala ngokhiye ngemuva emva kwakho, bavule ikheshi futhi likukhuphule, bese-ke bevala ngokhiye emuva futhi, niyazi, bagcine abantu, banifake etilongweni.

¹⁷² Ehlezi lapho, enhle, into encane, encane eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, isithandwa esincane, esiphakeme *kangako*, esikhulu kakhulu, esithambile, amehlo amahle, ehlezi lapho, nje—nje, o, nje esesimweni esibi kakhulu, kanjalo nje. Futhi ngathi, “Uyangikhumbula, Margaret na?”

Wathi, “O, o, o!”

¹⁷³ Ngase ngithi, “NginguMfowethu Branham, awungikhumbuli na? *Billy* wawuvamise ukungibiza, ezansi lapho, futhi ngangi. . . Lapho uza, wawunjengembewu encane yethanga, intombazanyana, ngigcina ukunibona nonke, izingubo ezincanyanyana *kanjalo*. Awungikhumbuli.”

Yathi, “O!” amehlo amakhulukazi, niyazi, ibukeka *kanjalo*.

¹⁷⁴ Ngacabanga, “O Nkulunkulu!” Ngahlala nowami, ngithi nje ukubeka umlenze wami ngaphesheya kokuphela kombhede. Kwakukhona indoda ihlezi laphaya izama ukubamba umkayo, wayesesimweni esibi kakhulu. Lentombazane ihlezi lapha, nobaba wayemi ngasentombazaneni, umama wahlala phansi kwelinye ikhona lombhede. Sasihlezi lapho, ngangilokhu ngizibuza, “Nkosi, kukhona Ozokusho na? Ungasho okuthize.”

Ngathi, “Awungikhumbuli, Margaret na?” Futhi njengoba wayelokhu engibuka nje, akakwazanga ukubona lutho.

¹⁷⁵ Wathi, “Mfowethu Branham, yena, into kuphela alokhu ekhuluma ngayo ingegazi, nasemgwaqeni omkhulu, nezinto ezinjalo,” wathi, “izinto ezixake kunazo zonke.”

Futhi ngathi, “Sekuyisikhathi esingakanani lokhu kwenzeka na?”

Wathi, “Iminyaka emibili.”

¹⁷⁶ Futhi ngangilokhu ngikhuluma naye. O, kodwa umusa kaNkulunkulu! Emizuzwini embalwa nje uMoya oNgewele uqala ukungena. Ngathi, “Margaret, awungazi, kodwa,” ngathi, “impilo yakho yonke, selokhu ubumkhulu ngokwenele ukwazi ngabafana, ubulokhu unakho njalo engqondweni

yakho ukuthi wawuzoshada nomshumayeli, wawufuna ukushada nomshumayeli.” Futhi waqala ukumamatheka, lokho kwabanjwa, niyabo, ngibone uMoya oNgcwele wawunakho. Ngase ngithi-ke, “ISHO KANJE INKOSI, sekuphelile.” Ngacabanga, “Ngitheni na?”

¹⁷⁷ Abaningi benu bafundile ngezingwejeje, nokunye nokunye. Ngathi, “Sekuphelile.” “Awu,” ngacabanga, “uma Esho lokho, ngihlala nakho ngqo.” Ngathi, “Mfowethu Huff, angazi ukuthi kungani ngisho lokho, ngeke ngakutshela.” Ngathi, “Ngikushilo nje, futhi yilokho kuphela engikwaziyo, ngakusho nje.” Futhi ngathi, “Kodwa bhekisisani nje, emahoreni ambalwa alandelayo kuzoba noshintsho phakathi lapha.” Lokho kwakucishe kube ngelesihlanu nqo ntambama. Ngathi, “Kuzobakhona ushintsho olukhulu phakathi lapha emahoreni ambalwa alandelayo!”

¹⁷⁸ Ngisanda kukhuluma ngaye ngalokho kusa ebandleni, ezansi etabernakele. Ngiqagele ukuthi abanye babafo betabernakele lapha manje, uFred Sothmann, nabo engibaziyo wayelapha, lokho, noma, labo ezansi lapho abakuzwa lokho kushiwo. O, ngikholwa ukuthi lababafana abahlezi khona *lapha* wayelapho. Bangaki phakathi lapha abangikhumbulayo ngisho etabernakele na? Ya, balapha. Niyabo? Ngathi, “Yiba semkhulekweni,” ngathi, “kukhona okulungiselela ukwenzeka, kukhona okulungiselela ukwenzeka.”

¹⁷⁹ Futhi ngenkathi ngibuyela emuva ngiphuma, ngaphuma ngaphandle kwe...bavula ngokhinye iminyango futhi bangibuyisela emuva ngaphandle, kwase kuthi-ke ngenkathi ngingena emotweni futhi ngashayela ngasekhoneni, ngathi, “Baba waseZulwini, ngikusholeni na? Ngikusholeni na?” Akungaphezu kokuba kwakunjalo ngenkathi kushiwo kulezozingwejeje, nokunye nokunye, futhi wabonakala. Ngathi, “Kukhona okulungiselela ukwenzeka.” Kwaqinisekiswa futhi ngapha emhlanganweni olandelayo, lona wokugcina kanjalo, okwakulungiselela ukwenzeka.

¹⁸⁰ Futhi lapho ngifika ekhaya, ngavele ngashintsha izingubo zami, ngangibuyela ezansi esontweni, uMfowethu Huff wangishayela ucingo, wathi, “Mfowethu Branham, angibange ngisakwazi ukukubamba.” Wathi, “Uyazi ukuthini? Emva kokuba usuhambile, cishe uhhafu wehora emva kokuba usuhambile, odokotela bayangena.” Wathi, “UMargaret wayehlezi embhedeni...”

¹⁸¹ Futhi ngenkathi ngihlezi lapho, ngase ngithi, “Margaret, ngu-ISHO KANJE INKOSI, sekuphelile,” nonina wavele wangishaya nje i—idolo *kanjalo*, futhi wadazuluka endodakazini yakhe, engazi ngisho nokuthi wayenzani, futhi wathi, “S’thandwa, akalokothi abe nephutha,” kanjalo, “akalokothi abe nephutha.” Futhi ngaphuma endlini.

UMnu. Huff wangishayela ucingo enhla, wathi, “Mfowethu Branham, odokotela bahamba bangena lapha, futhi bathi, ‘Kwenzekeni na?’ Wathi, ‘Intombazane isangulukile!’”

¹⁸² Wathi, “Sizomyisa ekhaya kusasa, usephumile, uphila ngokwejwayelekile futhi uphile saka njengoba noma ubani ubengaba njalo.” Usekhaya kulobubusuku, ethokoza. Ngoba ngani na? Kwakukhona izwi eliqondakalayo. Akunandaba ukuthi yini ephambene, yizwi eliqondakalayo. O, Nkulunkulu, lelozwi eliqondakalayo!

¹⁸³ Emibili nje noma emithathu ngaphezulu, cishe eminye imizuzu emihlanu. Izwi eliqondakalayo, ukuthi singaqhubeka kanjani! Into ethize yenzeka emgwaqeni ngolunye usuku, into efanayo, ilokhu iqhubeka ingena, kakhulu kakhulu, kakhulu kakhulu, kakhulu kakhulu. Kungani na? Yizwi eliqondakalayo, ngoba ngaleya kulelohlathi ngalolosuku, uMfowethu Fred, uMfowethu Tom, nani nonke nonke lapha, Mfowethu Leo, wena, ngenkathi leyondoda . . . INgelosi yeNkosi yama lapho emahlathini, futhi yasho leyonto, “Khuluma leloZwi futhi uLibhekisise lenzeka,” lelo kwakungesilo izwi elingaqondakaliyo, lelo kwakuyizwi, ngiyazi ukuthi liyiQiniso. Ngiyakukholwa, ngi . . . ngayo yonke inhliziyoyami, naleliBhayibheli phezu kwenhliziyoyami, nguNkulunkulu. Sisesikhathini sokuphela.

¹⁸⁴ UJesu, ngenkathi Esemhlabeni, kwakungekho-zwi elingaqondakaliyo kuYe. Wathi, “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, Nginamandla okukuthatha futhi.” Akukho okungaqondakali ngalokho, kwakuyizwi eliqondakalayo. Kungani na? Wayezwile kuNkulunkulu. Kunjalo. Haleluya! Manje ngizizwa kuthi angimemeze. Ngizizwa ngikholwa manje. Manje, sehla sisuka ohlangothini olunegethivu singena koluphosithivi, izwi eliqondakalayo.

¹⁸⁵ “Uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo ubani ongazilungiselela na?” Kodwa icilongo liyakhala, sisesikhathini sokuphela, likanye nomBhalo, “Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa. Lezizibonakaliso . . .” kanjalonjalo. Ku—kulapha. Icilongo likhala ngezwi elilungile, asizilungiselele. Kunjalo, asilungele, kukhona okulungiselela ukwenzeka, mfowethu, dadewethu.

UJesu wathi, “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, Nginamandla, okukuthatha futhi.”

Hhayi ukuthi, “Mhlawumbe Ngizokwenza. Ngiyethemba nginawo.”

Wathi, “Ngiwo.” Amen. Yilokho-ke.

¹⁸⁶ Ngenkathi uMarta ephuma ukuyoMhlangabeza ngenkathi uLazaru esefile izinsuku ezine, wathi, “Nkosi, uma Ubukhona umnewethu nga engafanga, kepha nakalokhu Ongakucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyakuKupha khona”:

UJesu wathi, “NgingukuVuka nokuPhila.”

Hhayi ukuthi, “Ngithemba ukuthi Nginjalo.”

¹⁸⁷ “Nginjalo.” Amen. “Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yiMi, akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?” Akukho ukungaqondakali ngalokho. “Nginjalo.”

“Ngizobanjalo. Ngethemba ukuba njalo.”

“Nginjalo manje, beNgihlala nginjalo, futhi Ngiyohlala nginjalo. NgingukuVuka nokuPhila. NGINGUYE, NGINGUYE.” Yebo. Akukho lutho olungaqondakali ngalokho.

“Nimbekephi na?” Amen.

Akukho lutho...Ngeke...Manje, hhayi, khumbulani, “Ngizohamba ngibone ukuthi yini eNgingayenza ngakho.”

¹⁸⁸ “Ngizohamba ngimvuse.” Akukho okungaqondakali ngalokho. Kwakuyilokho, ngokuqinisekile. Ngani na? UNkulunkulu wayeMtshele kanjalo. Kunjalo. “Angenzi lutho aze uBaba waMi aNgibonise kuqala.” UJohane oNgcwele 5:19, “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uBaba ekwenza. Lokho uYise akwenzayo Ukukhombisa iNdodana.” Amen. Akukho okungaqondakali ngalokho.

¹⁸⁹ “Ufile, uyabola ethuneni, kodwa Ngizomvusa.” Amen. “Ngiyahamba ngiyomvusa.” Akukho kungaqondakali kulokho...Khumbula ukuthi “Okholwa yiMi, noma efile, wophila.” Akukho okungaqondakali ngalokho, lokho kuqinisele njengoba uNkulunkulu eqinisile. O, awujabuli ukuthi Uyakwazi na? Awujabuli yini ukuthi igama lakho liseNcwadini yaKhe na? “Okholwa yiMi, noma efa, wophila.” Amen. *Whewu!*

¹⁹⁰ “NgingukuVuka nokuPhila,” futhi ngikuYe. UNkulunkulu wafakazisa ngokuMvusa, Uzongivusa nami. Sengivele ngihlezi ezindaweni zaseZulwini, ngivukile. KungokukaNkulunkulu kakhulu. “Labo Ayebazi ngaphambili, Wababiza; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile.” Amen. Khona manje, e—esigabeni sokukhazimuliswa, ehlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, esimweni esikhazimulisiwe, sinamandla okuvuka kithi asishintshile sisuka ekubeni yisoni siya ekubeni ngumKristu. *Whewu!* Akukho okungaqondakali ngalokho, akukho ukungaqondakali.

¹⁹¹ “Wazi kanjani na?” Ahlala kimi. Wazi kanjani na? Akuwe. Amen. Yingalesosizathu lezizinto zenzeka. Akukho okungaqondakali ngakho, sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni ngoba siyaphila. “Owayefile, noma ekholwa yiMi, wophila. Nalowo ophila akholwe yiMi akasoze afa.” Wonke lowo okholwa kuYe futhi uza kuYe, “Ngiyomnika ukuPhila okuPhakade.” Khona manje, sinokuPhila okuPhakade futhi sizovuswa

ngezinsuku zokugcina. *Whewu!* He, yilokho-ke. Akukho okungaqondakali ngalokho. Qhabo, sekuvele kwenziwe.

¹⁹² “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engambizi. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi.” Mangaki amaKristu, phakamisani izandla zenu? Awu, usuvele usesimweni esikhazimulisiwe. Amen. “Konke uBaba aNgipha khona kuzoza. Nalowo ozayo aNgisoze ngamlahlela ngaphandle; ngibanike ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngosuku lokugcina. Ngizokwenza.”

“Mhlawumbe Ngizokwenza.”

¹⁹³ Qhabo, “Ngizokwenza.” Lelo yizwi eliqondakalayo. Lokho kuqinisekile. Siza ngaphambili esimweni esikhazimulisiwe. “Lokhu okufayo kuzokwembatha ukungafi, okubolayo kwembatha ukungaboli.” Akukho okungaqondakali. Sesabani na? O, haleluya! Akukho okumele uxhuxhunywisa ngakho, akukho lutho ukuba u—ukwesabe, ngiqonde ukusho njalo. O, he, ngani na? Akuyona into engaqinisekile, siqinisekile.

¹⁹⁴ “Ngizomveza. Lona ofayo kuyakuba... kwembathe ukungafi. Akukabonakali namanje ukuthi hlobo luni lomzimba esiyakuba nalo, kodwa siyazi siyoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo.” Amen. Akukho okungaqondakali ngakho. “SiyakuMbona.” Udumo! Akukho okungaqondakali, konke kuqinisekile.

¹⁹⁵ O, ungaqhubeka futhi uthathe lelozwi elingaqondakali uma ufuna, kodwa ngiyalithanda icilongo leVangeli elikhala ngokuzwakalayo. Yini icilongo leVangeli na? Izindaba ezimnandi. Kunjalo. Ulapha manje. Manje, akukho okungaqondakali ngakho. Kulungile.

¹⁹⁶ Akazange athi, “Ngizokwehla futhi ngibone ukuthi yini eNgingayenza ngoLazaru. Ngizokwehla futhi ngithole ukuthi yini eNgingayenza. Ngizokwehla futhi ngizame futhi ngibone ukuthi Ngingamvusa yini.” “Uyakuvuka futhi.” Lokho kuqinisekile, kuyikho du.

Awu, wena uthi, “Manje, ukhuluma ngoJesu, ubukhuluma ngo-Abrahama, uthini ngawe na?”

¹⁹⁷ Yebo, sinesiqiniseko, futhi. “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, kodwa niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani.” Lokho yisiqiniseko, isiqiniseko, “Ngizokwenza.”

“Mhlawumbe ngizokwenza. Mhlampe ngizokwenza.”

¹⁹⁸ Qhabo, “Ngizokwenza.” Lokho kuqinisekile. “Ngizoba nani, ngibe kini.” Ungakubiza ngentshisekelo eyeqile uma ufuna, kodwa kuyizwi eliqinisekile kimi ukuthi ngisindisiwe. Amen. “Ngizoba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe.” Lokho kuyiqiniso ukuthi uzokwazi.

“Wazi kanjani ukuthi uqinisekile na?”

¹⁹⁹ Kulungile, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Leso yisibonakaliso. Ngizoninika isibonakaliso ukufakazisa—ukufakazisa ukuthi Nginani. Akuyikuba nokungaqondakali. . .

Wena uthi, “Awu, he, ngizokwazi kanjani ukuthi nginamadlingozi noma qha, noma ngabe ngisetshenziwe noma qha na?”

“Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Akukho ukungaqondakali.

²⁰⁰ “Sazi kanjani ukuthi singumKristu noma qha na? Manje, siya ezweni lonke futhi sishumayele iVangeli, futhi sabhaphathizwa, kanjalonjalo, sazi kanjani ukuthi si—singumKristu na?”

“Lezizibonakaliso ziyakubalandela, ngizokunika isiqiniseko, izwi eliqondakalayo, isibonakaliso esiqondakalayo.”

²⁰¹ Awu, nakhu okuzoba yikho: Umshumayeli uthi, “Woza, ujoyine ibandla lethu, futhi uphindaphinde isivumokholo sethu, noma ubhaphathizwe, noma ufafazwe, noma uthelwe,” noma, o, noma yini okunye, niyabo, “futhi lokho—yilokho-ke.” UJesu akazange asho lutho ngalokho. Lelo yizwi elingaqondakaliyo.

²⁰² Wena uthi, “Awu, umama wami wayesonta kulelibandla.” Lokho kuhle kakhulu. “Awu, ngi—ngiyakutshela, ngenyuka futhi ngaqiniswa.” Lokho—lokho—lokho kulungile, futhi, kodwa lokho—lokho—lokho akusikho. . .lokho kusalokhu kungaqondakali. Mm!

²⁰³ UJesu wathi, “Ngizokunika isibonakaliso esithize. Lezizibonakaliso. . .” UMarku 16, amaZwi okugecina Awasho eBandleni laKhe, “Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Kude kangakanani na? Umhlaba wonke. Abangaki na? Zonke izidalwa. Akufani ngalutho nemishini. . .nezigidi, nezigidigidi, nezigidigidi ezingakathintwa namanje. Niyabo? Manje, Wa—Wathi. . .

“Awu manje,” bayakusho lokho, “kwaphela ngabafundi.”

²⁰⁴ Qhabo, qhabo. Nanti izwi eliqondakalayo: “Izwe lonke, nakho konke okudaliweyo.” Lokho kuqinisekile. Lapho iVangeli lishunyayelwa, “Lezizibonakaliso ziyakuba!”

Hhayi ukuthi, “Mhlawumbe bazokwenza. Bebefanele.”

“Bayokwenza!” Lokho kuqinisekile. O! O, mfowethu, ngiyajabula ukuba yiPentecostal enhliziyweni. Yebo, mnumzane.

²⁰⁵ “O, lezizibonakaliso ziyaku!” Kuqinisekile. “Lezizibonakaliso impela ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, uma bephatha inyoka noma baphuze okubulalayo

akuyikubalimaza, babeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Izibonakaliso eziqondakalayo.

“Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa . . .”

“Wazi kanjani ukuthi sisesikhathini sokuphela na? Kuyoba njani esikhathini sokuphela, Nkosi na? Awu, sazi kanjani ukuthi sisesikhathini sokuphela na?”

“Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo.”

“Kuyoba *njalo!*”

Hhayi ukuthi, “Mhlawumbe kuzokwenzeka.” Noma, “Bekufanele kube njalo ngalesosikhathi.”

²⁰⁶ Qhabo, “Kuzoba njalo,” uMoya ofanayo, uhlala enyameni yomuntu, wehlulela imicabango yenhliziyo, washo ukuthi ubani owayesemva kwaKhe, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Sisesikhathini sokuphela. “*Kuyakuba* njengasemihleni kaLoti.” Othile uzofanele asukume, kukhona okumele kukwenze.

²⁰⁷ Kodwa futhi kwasho ngesikhathi sokuphela lokho, ukuthi ibandla lizoba yisivivi kanjani, liwe. Kuzoba njalo, asikho isidingo sokuzama ukukumisa, kuzoba njalo. Kodwa kukhona abanye phakathi lapho, Wama, unyaka webandla kuphela weminyaka yebandla eyisikhombisa, iLawodikeya yilapho uJesu atholakala khona ngaphandle kweBandla laKhe, engqongqotha emnyango, ezama ukubuya angene. Kunjalo, unyaka webandla kuphela. Yebo, mnumzane. ELawodikeya, unyaka webandla lePentecostal, *obizwa kanjalo*, sebenze izivumokholo eziningi kakhulu namahlelo waze wabeka uJesu ngaphandle, futhi Wayemi emnyango engqongqotha. [UMfowethu Branham ungqongqotha ngokuphindelela—Umhl.]

²⁰⁸ “Wonke engimthandayo, Ngiyamkhuza ngimyale.” Manje, ungangithukutheleli lapho ngikutshela, ubufanele ushiyeke izinwele zakho zikhule, futhi uyeke ukubhema osikilidi, futhi—futhi uyeke ukugqoka izikhindi, futhi wenza zonke lezi uhlobo lwezinto, futhi uphile njengoba amaKristu efanele, niyabo, “Bonke eNgibathandayo, Ngiyabayala futhi ngibasole, shisekela uphenduke.” Akusho. “Futhi oyovula umnyango futhi aNgingenise, Ngizongena futhi ngidle naye, naye naMi. Ngizokwenza, uma nje uzovula umnyango.” Hhayi ukuthi, “mhlawumbe Ngizokwenza, Ngizokucabangisisa,” “Ngizokwenza. Ngizongena kuwo wonke umuntu oyovula umnyango.” O, lawomazwi aqondakalayo. Ngiyakuthanda lokho anikuthandi na? Yebo, mnumzane.

Wena uthi, “Awu manje, Mfowethu Branham, ngiyakutshela ukuthi ngenzeni. Nga—ngahamba ngase ngijoyina ibandla, ngiyakholwa manje, ukuthi ngasindiswa.”

²⁰⁹ Akusikho lokho. Hhe-e. UPetru wathi ngosuku lwePhentekoste, wathi, “Phendukani, yilowo nalowo,

nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele.”

Qhabo—qhabo, “Wena, mhlawumbe uzowemukela.”

²¹⁰ Hhayi qhabo—qhabo *mhlawumbe* ngalokho. “Niyakukwemukela, ngokuba isithembiso ngesenu, esabantwana benu,” nakubo eMiddletown, noma, “bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Kuqinisekile.

²¹¹ “Futhi bonke abaMemukelayo, Wabapha amandla,” (Udumo kuNkulunkulu!) “ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu.” Amadodana, abaningi abakholwayo wenezelwa eBandleni. Ungena kanjani eBandleni na? “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye.” Akukho okungaqondakali ngakho, kuyaqondakala, izwi eliqondakalayo.

Ngabe sengiwaqedile amateyipu amabili noma amathathu phandle lapha, Leo na? Ngizoma. Ngizonigcina lapha nje, ingxenye yobusuku. O, he!

²¹² AmaHeberu 13:8, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Ngabe kunjalo na? “Uyoba yingxenye yendlela. U—Uyoba ngomunye we—we. . .” “Uyoba ngofanayo,” akukho ukungaqondakali ngalokho, ngabe kukhona na? Lutho nhlobo. Kulungile.

²¹³ “Akhohla yiMi, unokuPhila okuPhakade.” Akukho okungaqondakali ngalokho. “Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade.” Akukho okungaqondakali ngalokho. Ngabe kunjalo na? Yisithembiso sikaNkulunkulu. Ukuphendukela kuNkulunkulu, futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, Zikuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nazo zonke lezozinto ziqinisekile, yizithembiso zikaNkulunkulu. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

²¹⁴ Manje, wena uthi, “Mfowethu Branham, ngingowe-Assemblies.” Lokho kuhle. Ngizothi nje masinya ngibe ngowe-Assemblies njenganoma yiliphi ibandla, yibandla elihle. Omunye wabaxhasi bami abakhulu kunabo bonke yi-Assemblies of God.

²¹⁵ “NgingoweChurch of God.” Awu, kuhle, nginjalo, nami, iChurch of God, futhi ngingowe-Assemblies, futhi. Niyabo? Futhi, iChurch of God, omunye wabaxhasi bami abakhulu.

²¹⁶ “NgingoweFoursquare,” usho njalo. Awu, nginjalo, nami. Niyabo? Bayibandla elihle, ngi—ngi—ngi. . . iqembu elikahle labantu. *Linye* kuphela iBandla kuwo onke, bonke bandawonye njengeBandla; kodwa lokho, lawomaqembu akahle. Niyabo?

²¹⁷ “Ngingowe-United.” Impela, nginjalo, nami. Niyabo? Bakahle, abazalwane abakahle. Niyabo? Kulungile. Ngingowabo, nami. Ngingowabo, ngoba ngiseBandleni elifanayo abakulo. Wonke ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele,

ngoba ngaMoya munye sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye. Ngabe kunjalo na? Manje, lokho—lokho—lokho akusilo izwi elingaqondakali, lokho ngabaseKorinte bokuQala isahluko 12, “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye, futhi sibe ngamalunga alowoMzimba.” Amen.

218 Manje, nakhu okuyikho: Ngalolosuku, uJesu wathi Uyohlukanisa izimvu ezimbuzini, Wethembisa ukuthi kuyobakhona i—i—imvu nembuzi, ne...futhi Wethembisa ukuthi kuyobakhona i—intombi ehlananiphile nentombi elele. Bazoba lapho, yonke into Ayishoyo iqinisekile. Futhi ngi—ngijabula kakhulu, kulobubusuku, ukwazi ukuthi—ukuthi ngale kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, ngizalwe ngokusha ngoMoya oNgcwele. Ni—ni—niyakuthanda lokho na? Niyakholelwa kulokho na?

219 Manje, yilapho engimi khona, njenge...Futhi ngiphawula lokhu sengivala. UPaul Rader, u—umngane wami, ngimcaphunule emizuzwini embalwa edlule ekufeni kwakhe, ngenkathi ehamba. UPaul Rader wathi, ngesinye isikhathi, ukuthi wasebenzisa, uvela e-Oregon, yilapho ikhaya lakhe lalikhona, futhi wayevame ukugawula imithi yamapulangwe. Futhi wathi ngesinye isikhathi yena, ubasi wakhe, futhi wayesephusheni, nobasi wakhe wamthumela enhla ukugawula i—i—isihlahla esithize esilinganisweni esithize. Futhi—futhi wanquma isihlahla, futhi wavele wafaka imbazo oagodweni.

220 Nemisipha yendoda emikhulu kunayo yonke isemhlane wayo, kodwa uma iyophakamisa, uphakamisa ngemilenze yakhe, izingalo, umhlane, uqine kakhulu emhlane wakhe kunanoma iyiphi ingxenye yomzimba wakhe. Ngakho, walubamba ugodo, wayesehlanganisa amadolo akhe ndawonye, futhi nje wabambana, futhi wabambana, futhi wabambana, futhi wabambana, waze nje wangakwazi kalula ukuqhubekela phambili. Wavele wazikhandla nje, wathi, “Ngangiphele amandla kakhulu, ngaze ngangakwazi nokunyakaza, ngangibuthakathaka kakhulu.”

221 Futhi kwakwenzekani, wayeyisithunywa senkolo phesheya kwezilwandle. Wayesemuva le phakathi lapho, futhi kunenqwaba ye, abakubiza ngokuthi, imfiva yamanzi amnyama, ngicabanga ukuthi yilokho uPaul ayenakho. Akukho dokotela ngapha, ndawo, noPaul wayeyikholwa elikhulu ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, uma nonke benikwazi, futhi wayeyiyo, indoda enkulu.

222 UBilly Sunday wafika eChicago ngesinye isikhathi ukushumayela imihlangano embalwa lapho ne...eChicago Gospel Tabernacle, futhi—futhi ngakho, uPaul wayephezulu lapho eshumayela. NoBilly washumayela cishe iviki noma izinsuku eziyishumi, futhi waphelwa yizintshumayelo, wayengasenza izintshumayelo, noPaul wayekade eshumayela

cishe izinyanga eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili lapho, futhi wathi kuPaul, wathi, “Paul, uke uphelelwe nini izintshumayelo na?”

223 Wathi, “Uma ngithola ifindo epayipini.” Ngakho, waye—wayezo. . . Ngakho, lowo—lowo kwakunguPaul. Ngakho, yena, ngenkathi ethola ifindo epayipini, niyazi, wamiswa, into ethize ayenzile, into ethize inqamule ulayini wokuphakela, niyabo. Wathi nje waya epulpiti. . . Nani nonke, noma ubani owake wamazwi uPaul Rader, wayezoqala kuGenesisi futhi ashumayeke kuye eSambulweni, nakulo lonke iBhayibheli, nakuyo yonke enye indawo, wavele nje wenyukela lapho wayeseqala ukushaya waze washaya intshumayelo, wayesesuka kuyo.

224 Futhi ngakho, wa—wa—wathola lemfiva yamanzi amnyama, futhi yena, futhi babecabanga ukuthi wayefa, futhi watshela umkakhe, wathi, “Yima eduze kwami, ukhuleke.” Kwakulokhu kuya ngokuba-mnyama nokuba-mnyama ekamelweni, ekugcineni kwaphuma yonke indlela, yilapho-ke aphupha khona leliphupho. Futhi wathi wa—waqagela ukuthi kwakuyini, kwakuyileyo mfiva nje eyayimbhaxabule kakhulu, waze waphela nje. Futhi niyazi ukuthi yini imfiva yamanzi amnyama, awuphili naleyo. Ngakho, wayemkholiwe uNkulunkulu, waMethemba ngaso sonke isikhathi. Ngakho wa—wayenomkakhe ekhuleka, izandla zakhe zibekwe phezu kwakhe, futhi ekhuleka. Futhi babefanele baphume ngesikebhe esigwedlwayo izinsuku nezinsuku ukuba baphume endaweni ababekuyo.

225 Wayesethi-ke, okokuqala. . . Waphupha ukuthi wazama kulolugodo, waze wazikhandla kakhulu nje, wathi wavele nje, amandla akhe ayesepehele nya. Wathi wavele wakhandleka kakhulu, wavele wahlala phansi, wancika emuva esihlahleni, wayesethi, “Sengiqedile. Angikwazi nje ukuluphakamisa lolugodo, lu. . . Ashonephi onke amandla ami na? Ngani, nganginaluphakamisa lolugodo futhi ngilubeke emhlane wami ngesandla esisodwa,” wathi, “ngisuke lapha,” wathi, “isihlahla esincane.” Futhi wayeyindoda enamandla kakhulu. Futhi wathi, “Benginga. . . Ngani, ngicoshe izihlahla ezinkulu kunalezo noma ngasiphi isikhathi, ngihambe nazo.” Futhi wathi wayehlezi lapho nje, futhi wavele wakhala. Wathi, “Onke amandla ami aphelile, akukho okunye engingakwenza, amandla ami awasekho.”

Futhi wathi wezwa uBasi wakhe ekhuphuka, wayesethi, “Paul, yini indaba na?”

226 Futhi wathi wayecabanga ukuthi uBasi wayenePhimbo elimnandi kunawo onke ake alizwa. Futhi wathi, “Ngi—ngi—ngiphelile. A—angisenawo amandla, angisakwazi ukuqhubekela phambili. Angikwazi ukulucosha lolugodo, angikwazi nje ukusuka nalo.”

227 Wathi, “Paul,” Wathi, “ubambanelani nalo, empeleni na?” Niyabo? Wathi, “Nakho kugeleza umfudlana, ugijima ngakuwe ngqo.” Futhi wathi, “Awuluphonsi ngani nje emfudlaneni lapho, bese ugibela kulo bese ugibela wehle na? Ikamu lingaphansi kwegquma nje, wehla ngqo emanzini agobhozayo uye ekamu.” Wathi, “Luginqe nje emfudlaneni, bese ugxumela kulo. Gibela wehle, ulivumele likuthwale wehle.”

228 “Awu,” wathi, “Angizange ngicabange ngalokho.” Futhi wathi, “Ngenkathi ephenduka, wabona ukuthi Wayengubani uBasi wakhe, KwakunguBasi wakhe *wangempela*.” Wathi walufuqela emanzini, wagxuma wagxamalazela phezu kogodo, futhi wathi nje wayejabule kakhulu, uqala ukuchaphaza emanzini *kanjalo*, futhi empompoloza, “Ngilugibele! Ngilugibele! Ngilugibele!” Ehamba phezu kwamanzi agobhozayo, kahle impela nje, endiza ehlela ekamu *kanjalo*, empongoloza, “Ngilugibele!”

229 Futhi wathi lapho esesangulukile, wagxuma ngqo maphakathi nephansi lendlu, umkakhe elele ngale ekhoneni lapho evele nje wamjikijela ngemuva, futhi edazuluka ngalo lonke iphimbo lakhe, ethi, “Ngilugibele! Ngilugibele! Ngilugibele!”

230 Mfowethu, yilokho okuyikho, kulobubusuku. Ngolunye usuku ngathola ukuthi uJesu Kristu wangithanda, ngaqonda ukuthi ngazalelwa ukuba ngibe ngumntwana waKhe, Wangibiza, futhi ungipha ukuPhila okuPhakade. Angazi ukuthi ukufa kwami kuzofika nini, angazi, akunandaba kimi. Kodwa yinye into eqinisekile: Lonke iZwi Alethembisa kuleNcwadi, ngiLigibele! Ngigibele kuLo! “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Umbhaphathizo kaMoya oNgewele ungowalowo othandayo, uzoza futhi akwemukele; Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokwawo wonke umuntu, noma ubani othandayo angeza futhi amukele noma yisiphi isibusiso.

Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi
kwehantala,

Kusuka onke amabala azo ecala.

Lelosela elifayo lajabula ukubona
LowoMthombo ngosuku lwalo;
Nami mangibe lapho, nakuba ngenyanyeka
njengalo,

Hlanza zonke izono zami.

Selokhu kwathi ngokukholwa ngawubona
lowomfudlana

Amanxeba aKho agelezayo ahlinzeka,
Uthando oluhlengayo lube yingqikithi yami,

Futhi kuyoba njalo ngize ngife.

Bese kuthi-ke ngeliphakeme, iculo elimnandi,
Ngizocula amandla aKho okusindisa,
Lapho lokhu kutetema, ulimi olungingizayo
Lulala luthule ethuneni.

²³¹ Ngilugibele, mfowethu, ngilugibele. Ngingena kubantu bePentecostal, babenezinhlango ezehlukene, njengoba kwenza amaBaptisti nje, angizange ngijoyine nanoma yiyiphi yazo, ngama ngqo phakathi kwamaqembu, futhi ngazi ukuthi ayengabafowethu kuwo omabili, onke amaqembu nxazonke, ngibagaxa bonke *kanjalo*, futhi bangabafowethu. Ngilugibele.

²³² Ngolunye usuku eBeaumont, eTexas, iqembu elithile labantu, ibandla lehlelo lalikade linamabandla angamashumi ayisikhombisa nambili exhasa imihlangano yami, futhi babenomhlangano omkhulu oqhubekayo. Nganginomfowethu ehlezi epulpiti, emsamo, ne-negosa lesifunda langibiza ngalolosuku, futhi lathi, “Ngiyakucasukela lokho, Mfowethu Branham, ubunendoda emsamo ebhaphathizwe ngokungesikho.” Wathi, “Ungakwenza kanjani lokho na?”

Ngathi, “Ngani na?”

Wathi, “Awu, a—akasuye owethu, a—a—abengeke abe nguye.”

Ngathi, “Awu, ungumfowethu.”

²³³ Wathi, “Uyazi ukuthi senzeni na?” Wathi, “Sidwebe umugqa omncane, futhi sakunquma phakathi kwethu.”

²³⁴ Ngathi, “Manje, ngizodweba umugqa omncane ngaphezu kwakho, bese ngikusika ngikubuyisele phakathi futhi,” ngathi, “Ngiyakubuyisela emuva. Ngani, ungumfowethu!” Ngilugibele. Angikhathali ukuthi bakhohlwani, ngikhohlwa ukuthi uJesu Kristu akahlukene, “Sonke singuMzimba munye; munye ethembeni naseMfundisweni, munye othandweni.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Ngilugibele.

²³⁵ Ungathanda ukugibela kulo, kulobubusuku na? Uyagula na? Ngabe uyadinga na? Ngabe sikhona isoni lapha ebesingathi, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ngifuna ukugibela esithembisweni sikaNkulunkulu, ‘Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade,’ ngifuna ukugibela kulo, ngifuna ukuthatha ukuma kwami khona manje”? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele.” UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kulungile. UNkulunkulu akubusise.

²³⁶ Ukhona lapha ongenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Uthi, “Mfowethu Branham, ngiyazi isithembiso ngesami, Wangitshela laphaya eZenzweni 2:38, uma ngiphendukile futhi ngabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, ukuthethelelwa

kwezono, ngifanele ngemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Washo ngale kuMarku 16, ‘Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa, ongakholwayo uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.’ Ngi...uMoya oNgcwele uthenjise mina, futhi ngiyaWufuna, futhi ngizogibela isithembiso uNkulunkulu aze angiphe Wona.” Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngi...” Kulungile, kuhle. UNkulunkulu akubusise.

²³⁷ Bangaki kini phakathi lapha, nithi, “Ngiyagula, Mfowethu Branham”? Mhlawumbe usudlulile eselaphweni, angazi, okuvela kudokotela. Akakwazi ukukwelapha, angakusiza, akusize, uNkulunkulu aze akuphulukise. Kodwa ngi... Munye kuphela uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu. Akhona amakhambi, odokotela unekhambi, uNkulunkulu uneselapho, yilokho kuphela. Unamakhambi amaningi, kodwa sinye kuphela iselapho, futhi lokho kungoNkulunkulu. “NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zakho.”

²³⁸ “Ngiyagula, Mfowethu Branham, ngizame konke engikwaziyo ukuthi kanjani, mina, kubonakala sengathi angikwazi nje ukwedlula kukho, kodwa, kulobubusuku, UyiNkosi ephulukisa zonke izifo zami, Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zami, ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe. Ngiyakukholwa, futhi ngizogibela kukho. Ngiphakamisa isandla sami, ngikhumbule, Mfowethu Branham, ukuthi ngizogibela esithembisweni saKhe.” Haleluya! Yikho lokhu.

²³⁹ Manje, lalela, mngane, ngifuna nje uku...Yiba qotho kimi. Lokho kungahluleka kanjani na? Ngini buza egameni lawo wonke umuzwa, lokho kungahluleka kanjani na? Uma uyisoni futhi ucela uNkulunkulu ukuba akusindise, Wethembisa futhi wathumela ngisho noKristu ukuba afe ukuze nisindiswe, ningehluleka kanjani ukusindiswa na? Ngitsheleni lapho ebeningehluleka khona. Indlela kuphela yingoba uphezulu *lapha* futhi awukho phansi *lapha*.

²⁴⁰ Uma uthi, “UMoya oNgcwele ungowami, ngiphendukile, ngazivuma izono zami, ngakholwa kuKristu, ngibhaphathiziwe, sengiwulungele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele,” isizathu kuphela sokuthi awunakho, yingenxa yokuthi kukhona okungalungile phezulu *lapha*. Kunjalo. Awucabangi kahle. Ukuba bekuvela ezansi *lapha*, nizokuthola khona manje.

²⁴¹ Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngiyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ngiyaMemukela njengoMphulukisi wami. Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zami, ngemivimbo yaYo ngiphulukisiwe.” O, mfowethu. Lokho kuyakuxazulula. Yilokho kuphela kwakho. Into kuphela, uma kuphansi *lapha* kuyiqiniso, uma kuphezulu *lapha*, akusilo iqiniso. Uma kungenjalo, khona-ke uNkulunkulu afunyanwe

engumqambimanga, Wenza isithembiso Angeke asigcina. Usigcina kwabanye, uthini ngawe na? Ngabe kunjalo na? Cabanga nje ngakho.

²⁴² Wena uthi, “Ngifuna uMoya oNgcwele.” Uwunika noma ubani othandayo. Kunjalo na? “Ngifuna ukusindiswa.” “Obiza iGama leNkosi uyakusindiswa.” Kuyilokho-ke. Niyabo, nguwe, phezulu *lapha*, nguwe, uvumela udeveli asebenzise *lokhu*.

²⁴³ Akukho-muntu. . .Lapho uNkulunkulu eke wenza isinqumo, kuzofanele kube yisinqumo esifanayo isikhathi ngasinye, uma Yena, uma kungokwento ethize oyicelayo, uma Asindisa umuntu wokuqala ezisekelweni zokukholwa, Uzofanele asindise owesibili, eze, Uzofanele asindise wonke umuntu, uyeza. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngikugibele. Ngiyakukholwa. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke. Yima ngezinyawo zakho-ke.

²⁴⁴ Ngiphosela inselelo sonke isoni phakathi lapha, ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, ukuba utshela uNkulunkulu ukuthi uyazisola ngezono zakho, futhi wemukela uJesu njengoMsindisi wakho khona manje, bhekisisa ukuthi kwenzekani.

²⁴⁵ Ngiphosela inselelo lonke ikholwa phakathi lapha elisindisiwe, ukwemukela uKristu khona manje, ukukugcwalisa ngoMoya oNgcwele, uthathe konke okwaWo, uvume isono sakho. Mtshela nje ukuthi uyazisola, ukuthi u . . .

²⁴⁶ Siyini isono sakho na? Wena uthi, “Mfowethu Branham, sengivele ngingumKristu.” Vuma isono sakho, isono sakho ukungakholwa, yilesa sono kuphela esikhona, ukungakholwa. Uvele nje. . .Ukungakholwa kwakho kuyakudedisa kukho.

Wonke umuntu ogulayo phakathi lapha, vumani nje ukukholwa kwenu “Imivimbo yaKhe siphulukisiwe thina,” bhekisisani ukuthi kwenzekani.

²⁴⁷ Manje, mangaki amakholwa aphakathi lapha na? Phakamisani izandla zenu. Manje, noma ngabe u . . .Manje, uyabazi labobantu abaphakamisa izandla zabo njengezoni, futhi noma ngabe babengubani. Ngifuna ngamunye wenu bantu ukuba nibeke izandla zenu ngaphesheya phezu komunye umuntu oseduze kwakho, bekani nje izandla zenu zivundle komunye nomunye, akunandaba ukuthi nikuphi, phezulu emsamo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . .uma bengakaze, badinga ukuphulukiswa, Nkosi, kuyeke nje kuhambe.

Khuleka.

²⁴⁸ Baba wethu waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, sephula ilumbo, sephula onke amandla kadeveli, siwephula ngokukholwa, njengoba sibiza ukulunga kukaKristu. Kwangathi udeveli angadedela

kulelibandla, kulobubusuku, futhi aphume lapha, eGameni likaJesu Kristu, ngokuba iGazi leNkosi uJesu Kristu lishunyayeliwe, namandla kaNkulunkulu azisiwe.

²⁴⁹ Develi, badedele, phuma, eGameni likaJesu Kristu! 🕊

61-0315 IZwi ElingaQondakaliyo
EFull Gospel Tabernakele
EMiddletown, E-Ohio E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org